# OKUNGAPHAKATHI












## IHHOVISI LIKANDUNANKULU LIWUVALE KAHLE UMKHANKASO OLWA NOKUHLUKUNYEZWA KWABESIFAZANE

## IKHASI 4

Lomkhankaso wenziwa mnyaka yonke yilesisiFundazwe futhi kuhlonishwa izinsuku eziyi shumi nesithupha ekulweni nokuhlukunyezwa kwabesimame, izingane kanye nabadala.

## KUSAYINDWE ISIVUMELWANO ESIZODALA AMATHUBA EMSEBENZI

## IKHASI 5

Usheshe wafika ukhisimusi kwisifundazwe saKwaZulu-Natali kulandela isimemezelo sesikhondlakhondla senkampani yaseChina sokutshala imali engango R1.4 billion ekusunguleni izimboni zokukhiqiza ezindaweni zaseCato Ridge kanye naseZimbokodweni.

## ISIBHEDLELA SASESHOWE SIGUBHE IMINYAKA ENGU 60 SABAKHONA

## IKHASI 7

Ngqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo usebonge amagalelo abasebenzi bezempilo abayibamba ishisa ngezikhathi zobandlulo, bephikisana nemithetho yangaleso sikhathi, besiza abesifazane kanye nezingane ezibhedlela ezazingavulelekile kubantu abamnyama ngaleso sikhathi.

## IBANJWE NGEMPUMELELO INDALI YESIBILI YEZINKOMO ESIGODLWENI ENYOKENI

## IKHASI 11

ISilo samabandla sibambe indali yezinkomo zayo kulempelasonto, ngokubambisana noMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya, oholwa UNqgonqgoshe uMnumzane Themba Mthembu.

## WETHULWE NGESASASA OWOKUPHEPHA NGAMAHOLIDE ESIFUNDAZWENI

## IKHASI 13

UMnyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal wethule izimoto ezintsha eziyisishiyagalombili zohlobo oluphambili ezizosetshenziswa amaphoyisa omgwaqo eRoad Traffic Inspectorate (RTI) esifundazweni uma kunezingozi zomgwaqo.


## MAYELANA NALOLU SHICILELO


Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I-Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

**Ishicilelwa kabili ngenyanga.**

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za

**Liyatholakala naku:** www.kznonline.gov.za

**Ithimba elihlanganise iphephandaba:**


**Umhleli omkhulu:**
Mahlathi Tembe

**Umhleli wamakhasi nezindaba:**
Bonga Khoza

**Abezithombe eHhovisi likaNdunankulu:**
Zandile Shange no Themba Mntyali


© KZN Provincial Government

KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT



# UNDUNANKULU UMNU WILLIES MCHUNU UBENOSUKU NABASEBENZI BEHHOVISI LAKHE NGOSUKU LOKUZIVOCAVOCA

**CUTHBERT NZUZA**

UNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal umnu Willies Mchunu ubenosuku nabasebenzi behhovisi lakhe bevala unyaka ka 2016. Uqale inkulumo yakhe wathi kumnandi ukuba lapha!!!! Yavuma indlu yathi kumnandi ukubalapha.

Uqale wakhulumisna nabasebenzi ngaphambi kokuthi bayozivocavoca. Ubonge bonke abasebenzi behhovisi lakhe ngokumamukela ezothatha lesisikhundla. Wabonga nokuthi ukushintsha kokuphatha kuyazidala izinkinga kodwa yena ukwazile ukusuka komunye umnyango ongasebenzi njengalo kodwa wakwazi ukusebenza kahle.

Khona maduze kube nesimemezelo esikhishwe iMail & Guardian iphephandaba elithe isiFundazwe saKwaZulu-Natal sivotelwe saba esihamba phambili la eMzansi ngenxa yokusebenza kahle. Leliphephandaba lithe isiFundazwe sibe esihamba phambili ezinkampanini esithi phecelezi "Companies Reputation Index". OkaMcingwane ubonge abasebenzi besiFundazwe hayi abehhovisi lakhe lodwa kodwa ubonga bonke abasebenzi ngisho abakomasipala, abasezinkampanini kanye nabazisebenzayo ngoba lomklomelo uthinta imikhakha yonke yesiFundazwe okusho ukuthi inkululeko iyini kithi futhi ishoni kithi. Lenkululeko esinayo isho ukuthi isona sikhali esinaso ekwakheni isizwe sethu nesiphumelelayo. Ukhuthaze abasebenzi bakahulumeni ukuthi baqhubeke nokuziphatha kahle nokuthi basebenze ngobuqotho ukuze inkululeko yethu ihlale isho okuthile ezimpilweni zethu.

Ngaphambi kwenkululeko yethu esayithola ngo 1994 abasebenzi bakahulumeni bebaziwa njengabasebenzi abangenawo umkhiqizo, besebenza ngokudonsa izinyawo, bengazibophezele emsebenzini futhi bengawuhloniphi umsebenzi kanye nomphakathi.

Laba basebenzi engikhuluma ngabo babengathembekile emsebenzini nakuhulumeni kodwa bethembeke kubantu abathize ababebakhothamela, lokho kwakubulala umsebenzi.

Lento engikhuluma ngayo yabe ingamukelekile ngoba umsebenzi wawunemiphumela emibi futhi uyakubantu abamnyama ngoba uhlelo lwalwenziwe ngendlela enjalo ubandlululo. Abantu abamnyama babengelutho yingakho babenikwa into engekho kuthi izambane likampondo lidliwe ongxiwankulu.

Ubandlululo lwalusivale inkungu ithe ingci singakwazi nanokubona okuhle sagcina silahle namasiko ethu nokuzigqaja kwethu kanye nesithunzi sethu kwaphelela nje.

Namuhla kufanele sivuke sizithathe yize isemincane iminyaka siphumile ebunzimeni kodwa imisebenzi iyabonakala manje. Inkululeko esinayo asiyibambe ngezandla ezifudumele singayidedeli futhi asenze kube khona umehluko ezimpilweni zabantu besiFundazwe nesikhathi sisabanjwe ngobhongwana lobandlululo. Kunesimo esiphuthumayo sokuthi sibhekelele izimpilo zabantu kanye nezimfuno zabo ukuze bayizwe abantu ukuthi inkululeko isiphatheleni futhi lohulumeni awukhombise Ubuntu ngasosonke isikhathi.

Ucele bonke abasebenzi okaMacingwane ukuthi njengoba sivotelwe kahle kanje asingabe sisayeka ukuthi isiFundazwe sethu siphume phambili njalo.

OkaMacingwane ucele ukuthi abasebenzi abafake umfutho ngokuphindaphindiwe emsebenzini abawenzayo. OkaMacingwane ehambele eShangai ubebizwe izwe lakhona eyohlanganisa ulwazi analo njengomholi wesiFundazwe enkomfeni yokuthuthukisa ezeMpilo ebihlanganisa amazwe ngamazwe okuyilapho ethole ukuzwa ngalomhlanganiso owenziwe isiFundazwe ngokusebenza kahle nangokwenza kahle. Namuhla kwenza kube isikhathi esihle sokuthi ngidlulise ukujabula kwami kanye nekhabhinethi eholwa yimi, abaholi besiFundazwe abahlukahlukene, omasipala njalonjalo, ukubonga ngokwenza kahle kwenu basebenzi ukuthi lesisiFundazwe siqokwe ngokwenza kahle.

Kuqondane kahle ngosukulwenu basebenzi futhi nibheke kukhisimuzi nakucibijane UNdunankulu usho lokhu ngoba edlulisa ukuthi kunamazwe aziwa ngokuthi awosondonzima kwezomnontho lapha sibala China, Russia, kanye namanye asekwazile ukufaka izimali ekufukuleni ezempilo emazweni awo. Izinto abazibalula kakhulu yilezi, abantu kufanele badle ukudla okunomsoco, bayeke izidakwamizwa, bayeke ugwayi bayeke ubuvila bokungazivocavoci.

Kulamazwe abantu bafundiswa beseyizingane ukuzivocavoca baze bayofika emaNyuvesi. Yikho benzakahle kuma Olympics nasemidlalweni yamazwe ngamazwe. Kuyinto ephoqiwe ukuthi izingane ziyenze ngenkani into yokuzivocavoca ukuze zibe nemizimba ephilile. Inkolelo yalamazwe ukuthi abantu abakulamazwe kufanele babe nemizimba eqinile nephilile ukuze umnotho wezwe ubesesimeni esinomkhiqizo ohlale uphezulu ngoba abantu bakhona baphilile kahle. Yingakho iChina yaziwa ngokuthi iwusondonzima emkhiqizweni kwezomnotho ngoba abantu bakhona iningi labo bayasebenza futhi bahlale beyimqemane. Umnotho osimeme ufuna abantu abayimiqemane abangalovi emsebenzini ngenxa yobuthaka bempilo bezenza bona.

Amazwe awu 140 avumelene ngesiphakamiso sokukhuphula ezempilo kubantu esenziwe emhlanganweni obuse Shangai. Sonke siyavumelana ukuthi phansi nge woogha nokubhema phansi!!!! Phambili ngokuzivocavoca phambili. Phambili ngokungahambi ngelifthi emabhilidini phambili !!! Asikwenze kube umgomo nelungelo ukuphila kangcono kube into esiphila ngayo nsukuzonke. Singaphawula ngalezi izinto ezikhulunyiwe eShangai- China•

Asizibophezele ezintweni ezenziwa uhulumeni ukuvikela izimpilo zethu, siyamukele imithetho yezempilo ehlongozwayo kanye nokungaphansi kwayo siyivikele ukuze izimpilo zethu zibengcono

• Ezempilo zinezinhla ezahlukene ezihamba imikhakha eminingi ekuhlunzekweni kwezempilo uhulumeni kubantu nezithinta eziphathelene nomnotho ekuhlinzekeni kwezempilo kanye nokuvikelekwa kwakhona ekutheni uma imali ingekho umuntu akalashwe,

• Amadolobha awathole usizo futhi kube khona ukulingana kubantu ngohlinzeko lwezempilo kanye nenhlalonhle, ulwazi alusatshalaliswe lungagodlwa, nomphakathi ubeyingxenye yalokhu

• Kubalulekile ukufundisana ngezempilo ukuze isizwe sibenolwazi



*UNdunankulu waKwaZulu-Natal umhlonishwa uThembinkosi Willies Mnchunu ethula inkulumo yakhe emcimbini obubanjelwe Cedara, kugujwa usuku olubizwa nge-Wellness Day.* ***Isithombe:*** ***THEMBA MNTYALI***




# IHHOVISI LIKANDUNANKULU LIWUVALE KAHLE UMKHANKASO OLWA NOKUHLUKUNYEZWA KWABESIFAZANE, IZINGANE KANYE NEZAGUGA

CUTHBERT NZUZA

IHhovi likandunankulu u-Willies Mchunu wavulwa lomkhankaso olwa nokuhlukunyezwa kwabesifazane, izingane kanye nezaguga engekho. Lomkhankaso wenziwa mnyaka yonke yilesisiFundazwe futhi kuhlonishwa izinsuku eziyi shumi nesithupha ekulweni nokuhlukunyezwa kwabesimame, izingane kanye nabadala. Undunankulu u-Willies Mchunu wayehambele amazwe aphesheya ngenkathi umphathiswa wezoKuphathwa koMasipala kanye noMnnyango wezeNdabuko (COGTA) Nomusa Dube-Mncube ethula lomkhankaso eBergville, ngasesibhedlela Emmaus. Lomkhankaso wawenzelwe kuwadi 2.

Umphathiswa Nomusa Dube-Ncube ubephelezelwa imeya kamasipala omkhulu wasoThukela ukhansela Siphiwe Mazibuko kanye nemeya yaseBergville (umasipala wasoKhahlamba) ukhansela Mlungisi Ndlangisa.

Inkosi M. Hlongwane yesizwe saseMangwaneni ibengesale ngoba abantu abahlukunyezwayo bakhele isizwe sayo. Umkhuzi wamaphoyisa osabambile, Meja Genene Bhekinkosi Langa ubemele amaphoyisa esiFundazwe. Lomkhankaso othinta izinhla zonke zomphakathi yingakho kubalulekile ukuthi isizwe sibambisane nokulwa nalesisihlava. OkaDube-Ncube ngaphambi kokhuthula inkulumo yakhe waqala ngohambo lapho kwaviliyela ibhendi yamaphoyisa ebihamba naye phansi ukuveza ukuthi uhulumeni ukubantu futhi usondele kubantu futhi usiza abantu. Abesifazane abebekhapha umphathiswa bebephethe izingqwembe ezinemibhalo exwayisa ngokuhlukunyezwa kwabesifazane, izingane, kanye nezaguga. Esethula inkulumo yakhe enohlonze wathi kufanele sibambisane ekwakhe iNingizimu Africa engenalo udlame.

Abantu mabahlangane kulwisane nalesisihlava sokuhlukunyezwa kwabantu besifazane, izingane kanye nezaguga. Lomkhankaso wasungulwa ngonyaka ka 1998.

Umphathiswa uDube-Ncube uthe, indaba yokuhlukunyezwa nokuphathwa kwemizi ngodlame ayiphele nya ngoba yibo abaholi bemizi okungobaba okufanele bavikele izingane zabo kanye namalunga onke omndeni. Yize ukuhlukunyezwa kwabesilisa kwenzeka kodwa izinga lincane futhi bahlekwa izwe uma



*UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube obemele uNdunankulu waKwaZulu-Natal ngesikhathi ethula lomkhankaso eBergville*




kukekwavela. Umphathiswa uDube-Ncube uthe mina nawe yini esiyenzayo ukuvikela noma ukumisa ukuhlukunyezwa kwabesifazane, izingane kanye nezaguga. Njengomphathiswa ngihlaba ikhwelo lokuthi asibumbaneni silwisane nokuhlukunyezwa.

Sekwisikhathi sokuthi zibuye emasisweni ngoba ubandlululo lasishiya nemithetho kanye nemikhuba ethile esingayazi esiyinkinga kithi nasesizweni sonkana. Isintu sithi injobo ithungelwa ebandla yikho silapha sizokhuza umhlola.

Isintu sithi into ehlula amadoda iyabikwa, ibikwa komama. Imizi yakhile iqinile nje ngenxa yabo futhi yibo abakhulisa abantwana.

Ukuhlukunyezwa kanye nezenzo ezincike lezo azibikwe emaphoyiseni ukuze kubenenhlalonhle esizweni.

Amaphoyisa ayazibophezela ekusebenzisaneni nomphakathi ukuze kuliwe neziphulamthetho. Abantwana mabavikelwe ngoba bangabaholi bakusasa. UHulumeni wethu wenze imithetho ethinta nevikela ukuhlukunyezwa kwabesimame abathandana nabo, eyokuthwalwa, eyokuthumba, eyokuhweba/ ukudayiswa kwabantu, ethinta izingane kanye nezaguga okudinga uma ubona isenzo usibike emaphoyiseni.

Omakhelwane sekufanele bakugweme ukugeva izindaba bemi ocingweni bekhuluma ngabanye omakhelwane. Indoda eqotho ibonakala ngokukhombisa uthando futhi ivikele izingane nomndeni wayo kanye nomakhelwane.

**UNDUNANKULU UMNU WILLIES MCHUNU ESEVALA LOMKHANKASO UHLABE IKHWELO LOKUTHI ISIZWE SIFUNA AMADODA AQOTHO**

Isizwe sidinga amadoda aqotho hayi ahlukumezayo nadlwengulayo ubesho kanje eThekwini undunankulu Willies Mchunu.

Ngokujwayelekile izifo zocansi negciwane lengculazi lifika namadoda la, awo sugar daddy kumantombazane nakumakhosikazi abasuke bethandana nawo. Isizwe sinenkinga kulendima ngoba ontanga baqambe bayabonana sekonakele. Kunalaba abahweba ngemizimba nabo abasali la kulengosi ngoba zithi zikhona izivikeli kodwa zingasetshenziswa, awu kugcine sekuwudede nje kanti izifo kade zemuka bese zisabalala nezwe lonke leli. Abantu abafunde ukuzithiba, noma ngabe uhlalaphi kungaba semakhaya, emadolobheni ngizonixwayiswa ngobhememe boh. Kunesikhungo okuthiwa iThuthuzela esivikela bonke asebevelelwe ilomshophi wokuhlukunyezwa izinqandamathe zabo, ogogo kanye nezingane ezihlukunyeziwe. Ngiwu Ndunankulu nje nginxenxa umphakathi ukuthi uphume ngendlu ngendlu uyoba oshampeni ekulweni nalesisihlava esihlasele isizwe sethu. EMnambithi ngiwushampeni owabekwa isiFundazwe ukuthi ngibhekelele inhlalonhle yomphakathi. Imiphumela kamatikuletsheni yalesisiFundazwe ayibanga mihle sethembe kulonyaka izobangcono.

Nakulomkhakha ngizokhuza ukuthi abantu abancane abaziphathe kahle. Ukungaziphathi kahle akubuyiseli singaba isizwe esinjani esigcwele amaphara.

UHulumeni kaKhongolose oholwa uMsholozi awuhambisani nalendlakaza esibhekene nayo.

Umuntu omusha akavale ngezansi kwenkaba avule ingqondo angahambi egenuka zonke izinkalo zomhlaba ngoba lokho uma esegula uhlukumeza umndeni wakhe omakhelwane kanye nesizwe. Abantu abazithande bangahambi befuna inhlalonhle emahlathini ko-sugar daddy. Omunye umkhuba osuwandile ukuthi sinezingane ezigcwele imigwaqo manje ezihlala emgwaqeni zibe zinawo amakhaya. Ziningi izingane ezibalekele imithetho emakhaya.

Akekho umuntu ongenalo ikubo ngakho izingane uma zishaywa emakhaya ziye zibaleke, azibekezele abayibekezelele imvubu nathi sesafaka othayi nje sakhula saba amadoda ngayo imvubu. Uhulumeni sewashaya imithetho evikela abantwana nabesimame ngakho kufanele ilandelwe ukuze sibe nesizwe esiqhakambile nesiphephile.

IKwaZulu-Natali ihamba phambili emzansi ezintweni eziningi.

Operation Sukuma Sakhe nezimbizo zakhona seziyibekile induku ebandla ngoba amazwe aphesheya aseyazi ukuthi iwusiza kanjani umphakathi ngqo, kungaba ukusetshenziswa kwesabelo mali ekuhlinzekweni kwezempilo emphakathini, ezemisebenzi, ezokuvakasha, ezolimo, ezemfundo, ezezimpesheni, ezokuhlaliswa kwabantu, ezemidlalo namasiko kanye nokuphepha kwesizwe kanti konke lokhu kungenxa yokusebenza ngokubambisana phakathi kwesiFundazwe kanye noMasipala abakhele iKwaZulu-Natali.

Into efuna ukusukunyelwa kakhulu yithi thina bendlu emnyama/ empisholo, ilomkhuba ongelona isiko, umkhuba wokuthwala amantobazane asemancane aganiswe ngenkani eganiselwa amakhehla nezinsizwa.

Lomkhuba wande kakhulu kusuka oKhahlamba kwehle kuye esizweni sakwaXhosa. Imbangela eyenza kube lukhuni ukuqeda lesisimo ukuthi umuntu owenza lokhu uyaboshwa bese imindeni ixoxisana licishwe icala. Abantu abangabuki izisu zabo nezinkomo ezikhishwa kugezwa umuzi bese becima amacala ngoba lokhu kwenza isimo siqhubeke kunakuqala kunokuba sinqandwe.

Abantu namuhla ngizobancenga ukuthi bayekele ukuthatha izidakwamizwa. Uma umuntu esedle izidakwamizwa uzibona eseyibhoklolo esemkhulu esengenza noma yini.

Ukubamba inkunzi abantu besimame, ukubahlukumeza ngokocansi, ukuhlukumeza izingane kanye nomndeni wakhe wonke omunye aze awubulale ngenxa yesimo esidaka imizwa.

Kuba buhlungu uma uzwa izindaba zokuthi umnumzane othembekile abulalale umuzi wakhe wonke ngento ebingaxoxwa ngenxa yezidakwamizwa. Indoda eqotho iziphatha kahle. Indoda eqotho yazisa umndeni wayo iwuvikele futhi iwazise.

Umuntu abuke izinkomo azibone esefuyile ekubeni ingane ingakabikho ezingeni lokugana. Ingane incishwa ithuba lokufunda nelokuzikhethela umuntu emthandayo.

Phansi ngokudlwengulwa kwabantwana phansi!!! Phansi ngokutholwa kwezingane abesifazane besebancane phansi!!! Esephetha inkulumo yakhe okaMacingwane, uthe ucela abantu baziphathe kahle ngamaholide, baziphathe emgwaqeni ukuze kufike unyaka ozayo. Abantu besifazane kanye nezingane abahlonishwe unyaka wonke kungabi ilezizinsuku eziwu 16 kuphela.



# KUSAYINDWE ISIVUMELWANO ESIZODALA AMATHUBA EMSEBENZI

SIYABONGA MAPHUMULO

Usheshe wafika ukhisimusi kwisifundazwe saKwaZulu-Natali kulandela isimemezelo sesikhondlakhondla senkampani yaseChina sokutshala imali engango R1.4 billion ekusunguleni izimboni zokukhiqiza ezindaweni zaseCato Ridge kanye naseZimbokodweni.

Le nkampani, eyaziwa ngokuthi IGEM Co. Ltd yenze lesimemezelo emhlanganweni obuphakathi kukaNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uSihle Zikalala kanye nesekela likaNdunankulu wesifundazwe saseHubei, okuyikoyise mkhulu balenkampani, kwelaseChina. IGEM Co. Ltd igxile kwezokuguqulwa kwemfucuza efana namabattery asesebenzile, izimoto ezindala kanjalo nokusebenza ngogesi ukuze kungabi ukungozi kwimvelo.

Ekhuluma emcimbini wokusayindwa ngokusemthethweni wesivumelwano sokusebenzisana phakathi kwesifundazwe saseHubei kanye neKwaZulu-Natali, ungqongqoshe uZikalala wathi ukuvula kweGEM Co. Ltd amagatsha lapha kuzodala okungenani amathuba ayizinkulungwane ezimbili emsebenzi.

"Sithanda ukusishayela ihlombe isinqumo seGEM Co. ngokubambisana nesifundazwe saseHubei. Lokhu sikuthatha njengezithelo zesivumelwano okwafinyelelwa kuso phakathi kukaMengameli wezwe uJacob Zuma kanye nomlingani wakhe uXin Jin-Ping okuInguMengameli waseChina ngenkathi behlangene ngo-2014 nokuyilapho okwavunyelwana khona ngokusebenzisana phakathi kwalamazwe womabili avele angabalingani ngaphansi



UNgqongqoshe uSihle Zikalala neMeya yeTheku uKhansela Zandile Guemde ngenkathi kusayindwa isivumelwano sokusebenzisana phakathi kweKwaZulu-Natali nesifundazwe saseHubei eChina

kweBRICS," kusho uZikalala.

IGEM Co ibalwa nezinkampani ezinkulukazi eChina kwazise inezimboni ezingu 12 kuleliyalizwe njengoba isizovula ezimbili eNingizimu Afrika.

Ephawula uMengameli weGEM Co uMnuz Xu Kaihua wafakazela amazwi kaZikalala. "IKwaZulu-Natali isifundazwe esibaluleke kakhulu eNingizimu Afrika nakwizwekazi lonke lase-Afrika njengoba inezikhumulo ezimbili zemikhumbi okuwumtata waseThekwini kanye neRichards Bay. Kanti iphinde futhi ibe nesikhumulo esikhulukazi sezindiza okuyiKing Shaka International Airport nokusho ukuthi izinkampani ezinkulu ezifana nathi ezisebenzisana namazwe ahlukahlukene zikwazi kalula ukuwelisa imikhiqizo yazo," washo kanje.

# UZikalala uthembise izivakashi amaholide aphephile

SIYABONGA MAPHUMULO

Njengoba sezithelekile izinkumbi zezivakashi ezivame ukuhambela isifundazwe saKwaZulu-Natali ngalesisikhathi samaholide, ungqongqoshe wezokuThuthukiswa kwezoMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uSihle Zikalala usethembise ukuthi konke kumi ngomumo ukuze lawa kube amaholide aphephe ngokwedlulele.

Kulo leli sonto uKhuzeni ngokubambisana nophiko lweKZN Sharks Board ubabele olwandle lwaseThekwini ukuyohlola umsebenzi wokufakwa kwamanethi avimba oshaka ekutheni bangasondeli ngasosebeni lolwandle nokuyilapho iningi labantu lisuke libhukuda khona.

"Senze konke okusemandleni ukuqikelela ukuthi izivakashi zethu ziphephile. Yize kuyiqiniso ukuthi isifundazwe sethu sinokuningi okuheha izivakashi kepha izibalo zikhombisa ukuthi iningi labantu likhonze ukuzichithela isikhathi emabhishi."

UZikalala uqhube wathi ngenxa yomsebenzi omuhle weKZN Sharks Board, nokuyisikhungo esingaphansi komnyango wezokuThuthukiswa kwezoMnotho, ezokuVakasha nokongiwa kweMvelo, isifundazwe saKwaZulu-Natali asikaze sibe nesehlakalo sokulunywa komuntu ushaka kulawomabhishi anamanethi okulawula oshaka kuleminyaka engu 50 edlule.

Ngenxa yokuqina kwezokuphepha nenhlanzeko yamabhishi ayo, iKwaZulu-Natali kulonyaka inikezwe amaBlue Flag ayisishiyagalolunye yinhlangano



UNgqongoqshe uZikalala efaka isandla ngenkathi kuhlolwa amanethi okuvimba oshaka olwandle lwaseThekwini ukuze kuphephe ababhukudi.

ebhekele ukuphepha nenhlanzeko yamabhishi.

Lokhu kusho ukuthi lesisifundazwe sinamabhishi asezingeni lomhlaba futhi anamanzi ahlanzekile futhi akulungele ukubhukuda kuwo.

UNgqongqoshe uphinde wabalula ukuthi isifundazwe silindele okungenani izivakashi ezicela ku 1.2 million ngalesisikhathi samaholide nokuyinto eyofaka enhle imali emnothweni wesifundazwe.

"Sisanda kwethula imizila emisha yamabhanoyi okubalwa kuyo indiza esuka eKing Shaka International Airport iye kwelase-Seychelles kanjalo neya eNamibia; konke lokhu kusho ukuthi uzokwenyuka nomthamo wezivakashi ezivela kwamanye amazwe kwizwekazi lase Afrika kanjalo nasemhlabeni jikelele.

Ukuphawula kukaKhuzeni kufakazelwa ukuthi izindawo zokuhlala ezifana namahhotela kanye namaBed and Breakfast eziningi sesivele zigcwele ziyanyinyitheka njengoba iningi lazo kulelisonto kubikwe ukuthi sezamukele u75% wezivakashi.

"Asinakho nokuncane ukungabaza ukuthi isibalo sezivakashi zethu kulonyaka sizokwenyuka okungenani ngo9% ngaphezulu kanti sibheke ukuthi izivakashi eziphuma kwamanye amazwe zifinyelele ku 162 000.

Lokhu kuyodala amathuba emsebenzi kuphinde kungenise imali engafinyelela ku-R2.3 billion emnothweni wethu. Ezokuvakasha zingenisa izindodla zemali nasemnothweni wezwe jikelele. Ngonyaka ka 2014 le mboni yafaka uR26.8 billion emnothweni weNingizimu Afrika.

UNgqongqoshe uphinde wanxusa abantu baKwaZulu-Natali ukuthi baphathe izivakashi zethu ngenhlonipho nangentokomalo ukuze lesi sifundazwe sihlale njalo sinqenqeleza phambili nenjendawo eyintandokazi kwezokuvakasha ezweni.



**"Sisanda kwethula imizila emisha yamabhanoyi okubalwa kuyo indiza esuka eKing Shaka International Airport iye kwelase-Seychelles".**

UNgqongqoshe wezokuThuthukisiwa koMnotho, ezokuVakasha, nezokongiwa kweMvelo KwaZulu-Natali uMnu Sihle Zikalala

# SIYAKHULA ISIBALO SENTSHA EQEQESHWA OWEZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI ESIZIBAMBE NGAMAZINYO

MINENHLE MNCWANGO

Siyakhula isibalo sentsha eqeqeshwa ezikhungweni zokuthuthukiswa kwentsha zoMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi esigogodile, yathola imisebenzi, enye yaziqalela amabhizinisi ayo ahambisana nabakuqeqeshelwa.

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, uthi uHulumeni wentando yeningi usulekelele intsha engu-506 yaKwaZulu-Natali ebisenkingeni yezidakamizwa, ubugebengu kanye nobubha, esigogode kulezi zikhungo, okuyiVuma naseSicabazini. Uthe kulentsha, ingu-147 esithole imisebenzi kuHulumeni, ezimbonini ezizimele noma izisebenze yona.

UNgqongqoshe uThusi uthe: "Abanye babo sebenamabhizinisi futhi sebevulele nabanye amathuba emisebenzi. Abanye babuyela ezikhungweni zemfundo ephakeme ukuyoqhuba izifundo zabo. "Abanye basungula imiphila ndawonye (co-operatives), okuyimanje bazimele futhi sebezenzela inzuzo baphinde baqasha nabangasebenzi," kusho uNgqongqoshe uThusi. Uthe kunezinhlangano ezisungulwe enye yalentsha esithole ukusizakala ngamakhono eMnyangweni, eseziwusizo ekusebenzeni kwalezi zikhungo.

Uthe ezinye zalezi zinhlangano zenza umsebenzi wokupheka, ukudayisela isikhungo izinkukhu nezitshalo kanye nezithelo.

Enye yalentsha esikwazile ukuyeka izidakamizwa nokuhlalisa imindeni yayo lubhojozi, yethule ubufakazi yaphinde yanandisa nangezinkondlo ezifakazela ushintsho oselwenzeke empilweni yayo emuva kokuba yingxenye yalolu hlelo lokuthuthukisa intsha olungaphansi koMnyango kaNgqongqoshe uThusi.

Lokhu kwenzeke ngesikhathi uNgqongongoshe uThusi eyokwethwesa intsha engu-101 iziqu zamakhono ahlukahlukene eqhamuka ezikhungweni zaseVuma kanye naseSicabazini.

Lomcimbi bewenzelwe emagcekeni esikhungo iVuma, Eshowe, esiFundeni i-King Cetshwayo. Ukubungazwa nokukhishwa kwezitifiketi zabagogodile kulonyaka kuhlanganise nentsha eqeqeshelwe eSicabazini, esifundeni uMkhanyakude. Enye yalentsha esigogodile ibihlomula kwisibonelelo sezintandane, kanti enye ibicwile ezidakamizweni nasebugebengwini. Omunye wabo, uNkosazana Gugulethu Dube, ongowasendaweni yakwaMaphumulo, uthe: "Bese ngiphelelwe inhlonipho sengidla lonke uhlobo lwesidakamizwa.

Ngike ngaboshelwa icala lokubulala nelokuzama ukubulala, kodwa namuhla ngiyabonga ukuthi uHulumeni usengifundise indlela yokuphila futhi ngathola nokuqeqeshwa." Lentsha ithole ukuqeqeshelwa izifundo zikagesi, ukukhanda amapayipi amanzi, kanye nokupheka. Abathole iziqu kwezogesi bangu-29, ezokusebenza ngamanzi kanye namapayipi bangu-34, kanti abaphekayo babe ngu-38. Kulezi zinhlelo uMnyango ubambisene nesikhungo sokuqeqesha kwezamakhono okuyi-Mfolozi TVET College, inhlangano kaHulumeni ebhekelele intsha i-NYDA, inhlangano kaHulumeni ebhekelele ezemvelo neziqiwi i-KZN Ezemvelo Wildlife, uMnyango wezaMajele, kanye noMnyango wezokuVikela kuleli.

UNgqongqoshe uThusi uthe lentsha izobhekwa ukuthi iziphethe kanjani emiphakathini, futhi kuzoxhunyanwa nayo uma kukhona amathuba emisebenzi noma uma behlangana nezinkinga emiphakathini. UMnyango uzoyisiza njengoba isayinde isivumelwano seminyaka emihlanu noMnyango. Uthe: "Sibonga kakhulu izikhulu zoMnyango ezihlala ziqhamuka nemibono eyeseka inhloso nombono kaHulumeni khona sizothuthukisa umphakathi. Abazali kanye nomphakathi wonkana abasondele eMnyangweni uma benezinkinga khona sizoletha usizo ngokushesha.siwuHulumeni .

"Asifuni kube khona umtwana ozoba isigqila sezidakamizwa, kodwa sifuna ukubabona bephumelela. Sizobasebenzisa emikhankasweni esiyenzayo yokuqwashisa ngobungozi bezidakamizwa," kusho uNgqongqoshe uThusi.

Odle umhlanganiso kulentsha kube uMnumzane Mzwakhe Hadebe, ophuma esiFundeni Amajuba, othole izindondo ezintathu, elandelwa uNkosazana Nomfundo Ntshela othole izindondo ezimbili kanye noMnumzane Vusumndeni Mbonane, uNkosazana Gugulethu Dube, kanye noNkosazana Phumzile Ntanzi abathole indondo ngayinye. Bekukhona noKhansela uWiseman Mzimela, ophethe iwadi obekuhlanganelwe kuyo kanye nobemele ubukhosi besizwe saKwaShange, uNkosikazi Cebile Mhlongo, kanye nosaziwayo odlala emdlalweni othakaselwayo kumabonakude owaziwa ngokuthi uZalo, uMnumzane Mpumelelo Blose, odume ngelikaGxabhashe, naye othembise ukufaka isandla ekufukuleni intsha.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, nentsha yamantombazane ebelethweswa iziqu ngemuva kokuphothula izifundo zayo.*

# UNgqongqoshe uThusi ukhuza umkhuba wokuthula kwabantu abahlukunyezwayo

MINENHLE MNCWANGO

Ukuthula ungabiki ukuhlukumezeka kwakho kubuyisela uHulumeni wentando yeningi emuva. Lamazwi ashiwo uNgqongqoshe woMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi esiFundazweni saKwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, ngenkathi ehambele imiphakathi emibili, okungowase-Emacekane, ngaphansi komkhandlu waseMhlathuze esiFundeni sase-King Cetshwayo, kanye nobukade usePort Shepstone, emkhandlwini omusha, i-Ray Nkonyeni ebiyaziwa nge-Hibbiscus\ Ezinqoleni, ngaphansi kwesiFunda uGu .

UNgqongqoshe uThusi ubehambele lemiphakathi njengengxenye yomkhankaso wokulwisana nokuhlukunyezwa kwabesifazane kanye nabantwana, owaziwa nge-16 Days of Activism to No Violence Against Women and Children, okuwusuku olugujwa umhlaba wonke, kusukela ngomhlaka 25 kuNovemba kuya kumhla ka-10 kuDisemba. Ukhale ngokuthi ukuhlukunyezwa kwabesifazane, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya futhi bengabiki ngenxa yokwesabela izimpilo zabo, kuyinto ejwayelekile.

Uthe ngokujwayelekile lokhu kuhlukunyezwa kudalwa obaba bezingane abadlwengula izingane zabo noma ezisuke kungezalabo abathandana nabo. Abanye abahlukumezayo intsha yesilisa edlwengula ogogo, okugcina kungabikwa ngenxa yokuthi bayondla emakhaya. Unxuse abahlukunyezwayo kodwa bengabikile ukuba baxhumane namaphoyisa Kanye nosonhlalakahle ukuze kuboshwe izigilamkhuba. Uthe:

"Kuwumsebenzi kaHulumeni ukwenza wonke umuntu ahlale ngokukhululeka kuleli lizwe.

Ukuhlala uphenduke isisulu sokuhlukunyezwa ungabiki kufana nomuntu osibuyisela kuHulumeni wengcindezelo. "Noma ngabe uhlukunyezwa oshade naye, musa ukuhlala ngoba usaba ukuthi awusezokondliwa, kodwa uHulumeni unamasu okuba ukwazi ukuziphilisa, ngakho-ke bika isigilamkhuba. "Uma kukhona abazali abangondli izingane ekubeni besebenza lokho kungadalala ukuthi izingane zingazitholi izibonelelo sikaHulumeni, kodwa zithathwe ziyogcinwa endaweni kaHulumeni ephephile, ukuze zikhule ngendlela efanelekile ngoba ukungondli kukodwa kungukuhlukumeza," kusho uNgqongqoshe uThusi.

Esifundazweni saKwaZulu-Natali kunemipheme exhaswe uHulumeni enakekela asebephenduke izisulu zokuhlukumezeka. Kulemipheme abantu bayanakekelwa ngokwelulekwa ngokwengqondo, baphinde bafundiswe amakhono okuziphilisa khona bezokwazi ukuzimela. Emkhandlwini wase-Ray Nkonyeni kunemipheme emibili yokukhoselisa abahlukumezekile exhaswe uMnyango, kanti zinoSonhlalakahle abasebenzela khona, omabhalane kanye nonogada abasizayo.

Kuzokhumbuleka ukuthi uNgqongqoshe uThusi usanda kusayinda isivumelwano sokusebenzisana nenkampani esebenza ngendwangu, i-Edcon, ukusiza abahlukumezekile.


Lenkampani iyabathatha iyobaqeqeshela ukusebenzisa indwangu bese beyazimela. Bakhona asebengabasiki bengqephu abasezingeni eliphezulu, nabasebenzela izimboni ezahlukahlukene.

INkosi yesizwe sakwaSomopho, Inkosi Gabadela Mthembu, ikubeke ngokusobala ukuthi angeke behlale nabenzi bobubi endaweni yabo, futhi bazosebenzisana noHulumeni ekulwisaneni nalomkhuba.

UNgqongqoshe uThusi uphinde wabungaza ogogo abaneminyaka eyedlule ekhulwini ngokubapha izipho zikakhisimuzi, waphinde wahlomulisa abafundi ngemifaniswano kanye nokudla abazokuthola izinyanga ezintathu bese abazali babo beyasizwa ngokucijwa ukuba bakwazi ukuzimela. Bezikhona nezinhlaka zikaHulumeni, okubalwa amaphoyisa, kanye nobuholi bemikhandlu yasekhaya, okubalwa kubo uKhansela Alice Mthembu, iphini leMeya e-King Cetshwayo, uKhansela Slondile Mkhize oyiphini leMeya eMhlathuze, uSomlomo waseMhlathuze, uKhansela Mfundo Mthenjane, kanye nelungu lesigungu esiphezulu emkhandlwini uGu, uKhansela Nomfundo Zwane.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, uthwetshulwe nezaguga kweminye yemicimbi yokuqwashisa ngokuhlukunyezwa kwabantu besifazane nezingane.*



"Kuwumsebenzi kaHulumeni ukwenza wonke umuntu ahlale ngokukhululeka kuleli lizwe."

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi. Weziwe Thusi

# ISIBHEDLELA SASESHOWE SIGUBHE IMINYAKA ENGU 60 SABAKHONA

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo usebonge amagalelo abasebenzi bezempilo abayibamba ishisa ngezikhathi zobandlulo, bephikisana nemithetho yangaleso sikhathi, besiza abesifazane kanye nezingane ezibhedlela ezazingavulelekile kubantu abamnyama ngaleso sikhathi.

"Siyabonga kakhulu ngegalelo labo bonke abenza lomsebenzi omkhulu kangaka ngezikhathi ezinzima. Bayobongwa namaqhawe," kusho uDkt Dhlomo.

Ubekhuluma emcimbini wokugubha iminyaka ewu-60 kwakhiwa isibhedlela saseShowe obubanjelwe kulesi sibhedlela. Kulo mcimbi kuqanjwe izingxenye ezine zesibhedlela ngezingqalabutho ezisebenze kuso phambilini.

Njengakwezinye izindawo, ngesikhathi sobandlululo owesifazane owayekhulelwe ehlala eShowe, eNkandla, eMthunzini, eMthonjaneni, naseMahlabathini kwakumele adlule aye esibhedlela saseMbongolwane kanye nasesibhedlela iNgwelezane ukuyobeletha. Echaza uDkt Jonathan Larsen, osebenze kulesi sibhedlela iminyaka engu 21 nokunqanjwe ngaye igumbi lokuhlela imindeni, uthe: "Iningi labesifazane abavela ezindaweni zasemakhaya babengavunyelwa ukuthola usizo kulesi sibhedlela. Babetshelwa ukuthi abaye esibhedlela iMbongolwane. Iningi labo labaswela abantwana babo ngenxa yezingqinamba zokubeletha njengoba wayengekho uDokotela owayezobasiza, ngakho sanquma ukuthi kube khona esikwenzayo ngalokho." UDkt. Larsen ube esehlonishwa ngombhalo onanyathiselwe obondeni lwesibhedlela. Kanti kuphinde kwenziwa okufanayo nakuDokotela uJennifer Chapman owasebenza njengoDokotela wezingane kulesisibhedlela. LoDokotela wayesebenzisana negumbi lokubelethisa, amukela iziguli ezibe nezingqinamba zokubeletha.

Ngesikhathi esasebenza kulesisibhedlela sase-Showe wayegqugquzela ukuba kuthengwe izinsiza ezinjengendawo yokugcina umtwana uma esheshe watetwa kungakashayi isikhathi sakhe kanye nokunye. Ukuthengwa kwalezo zinsiza kwaholela ekutheni izingane ezingaphansi kwesisindo sika 750 grams zingasadluli emhlabeni njengoba zazigcinwa, zihlengwe ngokufanele bese zikhishwa zinesisindo esikahle.

Kuphinde kwahlonishwa inkakha yomhlengikazi eseyathatha umhlalaphansi uSr Ellen Mkhize owasebenza iminyaka engu 41 kulesi sibhedlela. Waqala ukusebenza engumhlengikazi, wasuka waba i-Senior Proffessional Nurse, waba i-Clinical Teaching Sister, waba umphathi wabahlengikazi, kodwa ugcine esengumphathi walesi bhedlela sase-Showe esinomlando.



*UDkt Dhlomo no Nksz Mkhize*

Kuphinde kwembulwa umbhalo oyisikhumbuzo ngegalelo labasebenzi bakulesi sibhedlela asebadlula emhlabeni. Kulomcimbi uDkt uDhlomo uthe okwenza angasivakasheli lesibhedlela engashongo wukungabi khona kwezikhalo ngaso ezivela emalungwini omphakathi ngempatho engeyinhle. Uphinde wabongela abaphathi besibhedlela njengoba lesibhedlela sakhethwa njengesinye sezibhedlela ezihlanzekile esifundazweni ngo 2011, kanti ubuye wanxusa abahlengikazi abasebancane ukuba baqhubeke emigudwini okwakuhamba kuwo uSr Mkhize, owasebenza kahle ephethe kahle iziguli imnyaka engu 41. Isibhedlela sase-Showe yisona esikhulu kuloyaMkhandlu esifundazweni saKwaZulu-Natal, sinemibhede engu 400, kanti sihlinzeka ngosizo lwezempilo umphakathi okumasipala wase-Mlalazi cishe ongu 138 000. Sinamagumbi angu 26.

# Owezempilo udonsa umphakathi ngendlebe ngokubaluleka kwezokuphepha kulamaholide

Oyinhloko yoMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natali uDkt Sifiso Mtshali usenxuse amalunga omphakathi ukuba aziphathe ngendlela efanele ukuze kugwenywe izingozi nezinye izimo ezibeka izimpilo zabantu engcupheni njengoba kuyisikhathi samaholidi kaDisemba.

Engxoxweni yakhe naleli phephandaba, uDkt Mtshali uthe nakuba lesi kuyisikhathi sentokozo, ngeshwa kubantu abaningi abangazelele kuba yisikhathi sokukhala nokugedla kwamazinyo ngenxa yezigameko ezingezinhle ezivamise ukudlanga ngalesi sikhathi sonyaka. Kulezi zigameko kubalwa ukushona kwabantu ngenxa yokulimala ezingozini zomgwaqo, ukulimazana ezigamekweni zodlame nokuminza emabhishi. "Sekuvelile ukuthi ezinye zalezi zinkinga zijwayele ukudalwa wubudedengu babantu.

Phakathi kwezimbangela zezingozi kubalwa ukushayela kudliwe amanzi amponjwana noma kubhenywe izidakamizwa ezingekho emthethweni; ukushayela ngesivinini; ukwedlula izimoto kungaqasheliwe, ukungafasi amabhande kanye nezimoto ezingekho esimweni esifanele. Ngakolunye uhlangothi, ingxabano nendluzula phakathi kwabantu ijwayele ukudalwa wukungaboni ngaso linye ngenxa yophuzo oludakayo nezidakamizwa." Uthi izigameko zokuhlaselwa kwabantu ngabaphangi – nezibuye zibe nesihluku nendluzula - nazo zijwayele ukwanda ngalesi sikhathi njengoba kunenkolelo yokuthi abantu abaningi basuke benemali.

Nakuba kungekuningi okungenziwa ukugwema ukuba yisisulu salokhu, ngaphandle kokwenyusa izinga lezokuphepha, kodwa kubalulekile ukuhlala uqaphile. Lokhu kufaka ingcindezi kwabezempilo. "Enye yezinto ezisikhathazayo singabezeMpilo ngalesi sikhathi sonyaka ukwanda kwengcindezi nezindleko ezingenasidingo kwezempilo ngenxa yezigameko ezingagwemeka. Njengoba isimo somnotho sitshekile, nezimali zentuleka, le ngcindezi engenasidingo ikhinyabeza ukusebenza kwesabelo-zimali sethu, esigcina sesihlinzekela izigameko ezingagwemeka nezenziwa abathize, bezenza egameni lenjabulo." UDkt Mtshali uthi imininingwane evela ezikhungweni zezeMpilo iveza ukuthi liyenyuka izinga lezigameko ezifana nalezi ngalesi sikhathi sikaNcibijane. Ukusebenzisa izidakamiwa nophuzo oludakayo kuncikene kakhulu nokuphazamiseka komqondo womuntu, nokunomthelela esibalweni sabantu abagcina bezibulele. "Ukwenza isibonelo nje, umuntu ngamunye ofike abhiyoze, aphuze ngokweqile, abheme izidakamizwa bese eshayela imoto, abe sengozini yomgwaqo asinde, akagcini nje ngokuhlukumeza izihlobo zakhe ngokomqondo uma eselimele. Kepha ulimaza noma abulale abantu abanganacala.

Uma eselimele, futhi walimazama nabanye abantu, kusuke sekuzodingeka lokhu okulandelayo kuhulumeni:

- I-ambhulensi nabasebenzi bezimo eziphuthumayo okufanele bashiye ebakwenzayo baphuthume endaweni yesigameko;
- Isikhathi somabhalane basesibhedlela okufanele benze amarekhodi;
- Umbhede wasesibhedlela;
- Isikhathi esibizayo sikadokotela nabahlengikazi;
- Imithi, amabhandishi nelondolo;
- Ukudla;
- Isihlalo esinamasondo (wheelchair); nosizo oluqhubekayo lokwelulanyiswa (rehabilitation); ukwalulekwa ngokomqondo;
- Isibonelelo sikahulumeni; kanye
- Nokuwa komnotho ngenxa yokungakwazi ukusebenza nokubamba Iqhaza kwezomnotho."

Uphinde wanxusa umphakathi ukuthi wenze okufanele ngalesi sikhathi ngokuba uguqule indlela yokucabanga nokuziphatha.

"Wonke umuntu kumele aqinisekise ukuthi akayithinti imoto ephuzile noma esebenzise izidakamizwa, engalalanga noma ekhathele. Siyawunxusa umphakathi ukuthi ungazihlanganisi nezenzo zodlame; futhi asikugweme ukubhukuda uma kuphuziwe noma kade kusetshenziswe izidakamizwa. Uma uhamba ngezithuthi zomphakathi qoka



inkampani yamabhasi enomlando omuhle wokuphepha. Ungaligibeli itekisi uma ulibona lingekho esimweni noma umshayeli walo ebukeka ephuzile. "Ungaphuzi. Utshwala buyabulala. Bunjalo-nje utshwala benza ungakwazi ukuthatha izinqumo eziphusile uma kuyiwa ocansini, nokwenza kube lula ukuthi ugcine ungazivikelanga, bese ungenwa yizifo noma kubenokhulelwa okungahleliwe."

Uthe akusilo ihlazo ukuhlala uphethe amakhondomu ukuze uzivikele uma kwenzeka uzithola usuya ocansini kade ungalindele.

Uphinde wakhipha isexwayiso ngobungozi obubhekene nentsha njengoba inesikhathi esiningi kwazise izikole zivaliwe. "Kokunye abantwana bahlala bebodwa bengagadiwe, behle benyuka ezinxanxatheleni zezitolo. Lokhu kusho ukuthi bangahle bazithole bezama ukwenza izinto abangazijwayele, nezinobungozi, okubalwa kuzo ucansi olungavikelekile." Ukhuthaze intsha ukuba izithibe ocansini, kuze kufike isikhathi lapho isikulungele ukubhekana nemiphumela yocansi, ngokomqondo nangokomzimba. "Kulabo abangakwazi ukuzigcina, sikhuthaza ukuzivikela okumbaxambili. Sithi abesilisa abasokwe, abesimame basebenzise izinsiza ezitholakala mahhala emitholampilo zokuhlela imindeni, bese kusetshenziswa namakhondomu ngaso sonke isikhathi. Lokhu kuvikela ukubhebhetheka kwezifo ezithathelana ngokocansi okubalwa kuzo isandulela ngculazi, nokukhulelwa okungahleliwe.

"SiwuMnyango wezeMpilo sicela nisisize ukuze nathi sikwazi ukunisiza. Sinifisela amaholidi amnandi naphephile, nonyaka omusha omuhle nonenqubekela phambili."



**"Kulabo abangakwazi ukuzigcina, sikhuthaza ukuzivikela okumbaxambili."**

UNgqongqoshe weZempilo uDkt Sibongiseni Dhlomo

# UKAUNDA UGQUGQUZELA UKUTHULA ENDAWENI YAKWA DABHAZI KWANONGOMA

**STHEMBILE LUTHULI**

Bekuheleza umoya wokuthula nokuzwana esigodini sakwaDabhazi KwaNongoma ngemuva kwesikhathi eside lamalunga alo mphakathi ebhekana ngeziqu zamehlo kulandela impi ephakathi kwemindeni emine eyadlula nemiphefumulo eminingi kule ndawo. Lokhu kungaboni ngaso linye kwaze kwaholela ekutheni kuze kungenelele noNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Mxolisi Kaunda ukuzama ukuthi lemi phakathi ithelelene amanzi bese kuba nokuzwana.

UMnuz Kaunda obehambele lembizo ngesizathu sokuzoqinisekisa ukuthi imindeni ethintekayo nomphakathi bayathelelana yini amanzi njengoba imindeni ethintekayo ihlangene nomphakathi wakulendawo sekube neziqubu eziningi uhlangana ukuzodingida lolu daba lokungezwani kwabo nokuholele ekuchithekeni kwegazi kule ndawo bavumelana ngokwakha uxolo. Lo mphakathi ubuhlalele ovalweni isikhathi eside selokhu kwaqala lempi bengasalali ngisho emizini yabo ngenxa yokwesabela izimpilo zabo. Nokufunda ezikoleni zendawo bese kuphazamisekile njengoba bese kunzima ukuya esikoleni kubafundi. Lesi senzo siwuhlukumeze kakhulu lomphakathi ngoba bese kuphele ukwethembana, nothando nenjabulo nokuhambelana kulo mphakathi kwavuka amagqubu nenzondo, kodwa sekuvuleke ikhasi elisha kulo mphakathi njengoba zonke izinhlaka zivumele phezulu zalwamukela zonke uxolo.

UMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ube nemihlangano eminingi kule ndawo ngaphambi kokuba kube khona lembizo ezoqinisekisa loluxolo, okubalulwe kakhulu kule mbizo nokujabulise uKaunda nethimba lakhe ukuthi lemindeni ayiphoqwanga muntu ukuthi ixolelane wathi njengoba ahlangana naye yonke imindeni ngokwehlukana yonke yakhuluma izwi elilodwa besho bethi sebekhathele ukulwa nokuchitheka kwegazi sebefuna uxolo.

UMnuz. Mbawula Nkos, ongomunye wemindeni ebilwa, ugxeke kakhulu lokhu kulwa njengobekungafanele kuze kufe abantu abaningi kangaka, waphinde wanxusa amaphoyisa ukuba adlale indima yawo.

Uthe "Sesilahlekelwe kakhulu amalunga emindeni yethu ngenxa yempi engasibuyiselanga ngalutho, siyalwamukela uxolo futhi sinethemba lokuthi angeke iphinde yenzeke lento embi njengalena endaweni yakithi, siyawacela futhi namaphoyisa ukuthi aqhubeke aqaphe isimo kuze kube sanelisekile sonke ukuthi nempela sekukhona ukuthula endaweni."

UMnuz. Mike Mahlinza ongomunye wemindeni elwayo, naye ukuqinisekile ukuthi njengamanje ayikho into edingwa imindeni yabo nomphakathi ngaphezu kokuthelelana amanzi.

Wathi lokhu kulwa kubabuyisele emuva kwabuye kwadicicela phansi isithunzi singabantu abamnyama wathi unethemba lokuthi kuzobuya uxolo nenjabulo nokuthanadana emphakathini.

Uthe "Siyathokoza uma kuxolelwana kanje ngibona kukhanya manje kulomphakathi siyaludinga loluxolo ngoba sesikhathele ukulwa nokubulalana, nginethemba lokuthi njengoba kudlula konke okubi kulomphakathi sizokwazi ukubuyisa isithunzi sethu siphinde sithandane njengoba kade sithandana kulomphakathi phambilini," kusho uMahlinza.



*UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda*

UKaunda uthe ukuphuma ngobuningi komphakathi beze kule mbizo kutshengisa ngokusobala ukuthi sebekhathele ukulwa sebefuna uzinzo ukuze nabo bezokwazi ukuthola intuthuko futhi bayijabulele njengabo bonke abantu bakulesi sifundazwe.

Ube esenxusa intsha yakule ndawo ukuthi izihlanganise nezinto ezinhle nezinengqubekela-phambili ukuze izoba soqhulwini lwentsha ethuthukisa umphakathi.

Uthe "Ngiyanicela nina ntsha yakule ndawo ukuthi ningakhutshazwa okubi osekwenzakalile kule ndawo ngoba sisabheke lukhulu kinina, zibandakanyeni nezinhlelo zomphakathi ngoba lokho kuyonisiza ukuthi nibe soqhulwini lwentsha eletha impilo engcono emiphakathini yenu futhi nikwazi nokuthola intuthuko njengemigwaqo, izindlu nokunye."

UKaunda ucacisile kulomphakathi ukuthi yize yonke imindeni isilwenzile uxolo kodwa akusho lokho ukuthi amaphoyisa nomthetho ngeke besaqhubeka ukwenza umsebenzi wabo.

"Ngiyakuqinisekisa ukuthi awekho amacala azosulwa yize noma sekunoxolo futhi amaphoyisa azobuyela emuva abheke futhi ukuthi wonke amacala enzeka kule ndawo yaKwaDabhazi aphenywa ngendlela efanele yini, uma kukhona angaphenyisiswanga, amaphoyisa azowaphenya futhi ngendlela efanele ukuze kuboshwe izigilamkhuba uma kufanele." kuphetha uKaunda.

# Wethulwe ngelikhulu isasasa umkhankaso wokulwisana nokuhlukunyezwa kwabantu besifazane kanye nabantwana

**SINDISWA ZIKHALI**

Umphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnuz. Mxolisi Kaunda, ehambisana noDistrict Champion uMphathiswa wezeZindlu kanye nokuHlaliswa Kwabantu, Umnuz. Ravi Pillay, bathule ngelikhulu isasasa umkhankaso wokulwisana nokuhlukunyezwa kwabantu besifazane kanye nezingane. Lo mkhankaso uthulwe endaweni yase-Kilmun ngase-Underberg. Ngaphansi kukaMasipala i-Dr Nkosazane Dlamini Zuma.

Ukuthulwa kwalomkhankaso bekuhambisana nokuthulwa kwezinhlaka zomphakathi ezilwisana nobugebengu ama-Community Safety Structures akuyo lendawo. Lo mcimbi ulandela izigameko eseziyinjwayelo zokuganiswa ngenkani kwabantwana abasafunda isikole, ukukhulelwa kwezingane, ukusetshenziswa kwezidakamizwa kanye nokuhlukunyezwa kwabantu besifazane. UMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi usebenzisana neminye iminyango bake baba nezinhlelo bengenelela ezinkingeni zakulendawo. USihlalo wamaKhosi esiFundazweni, iNkosi Phathisizwe Chiliza, ugxeke kakhulu ukuganiswa ngenkani kwezingane zamantombazane ezisafunda isikole, wathi abazali abayeke ukuthi loku kulusiko ngoba umkhuba. "Kwasendulo asikaze sikubone loku esikubona namhlanje. Intombi ayikaze iyiswe lapho ingathandi khona. Yebo yayifika isifika nezinsizwa kodwa yiyo eyayisuke ikhombe indlela. Futhi akukaze kuthathwe ingane esafunda isikole iyoganiswa.

Thina njengobukhosi bakulendawo sizimisele ukuthi labo abayotholakala benze lomkhuba mhla bevela enkantolo sibe khona ukuyophikisana nesicelo sabo sebheyili", kusho uChiliza.

Umphathiswa wezeZindlu kanye nokuHlaliswa kwabantu, uMnuz. Ravi Pillay, uthe lesi sikhathi sezinsuku esiyi-16, isikhathi lapho sibuyisa khona ubuntu kanye nesithunzi sabantu besifazane.

Kuwumsebenzi wethu sonke njengabantu besilisa ukubanakekela nokubavikela hhayi ngalesi sikhathi kuphela kodwa ngaso sonke isiskhathi. Uphinde wathi indoda engakwazi ukuvikela abantu besifazane akuyona indoda leyo. Umphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnuz. Mxolisi Kaunda, ugxeke kakhulu abantu besilisa abahlukumeza abantu besifazane kanye nabantwana, wathi lo mkhuba awuphele nya.

Indoda ehlukumeza abantu besifazane kanye nabantwana ayiyona indoda eqotho.

Esethula izinhlaka zomphakathi uKaunda uthe, ukuzinikela kwalababantu ukulwisana nobugebengu kuyoba ubufakazi ngelinye ilanga ukuthi ukusukuma komphakathi usebenzisane namaphoyisa ukulwisana nobugebengu, ubugebengu bungaphela.

Umphakathi okumele uvale imakethe yamasela ngokungathengi impahla eyebiwe.



*KUSUKA kwesokudla, uMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi,uMnuz. Mxolisi Kaunda, phakathi, uSihlalo wezinhlaka zomphakathi I-KZNCCPA uMnuz. Tallman Zuma, Kwesokunxele, uSihlalo we-CPF, uMnuz. Vukani Msomi.*



*UDISTRICT Champion waMasipala i-Harry Gwala, ophinde abe uMphathiswa wezeZindlu kanye nokuHlaliswa kwaBantu, uMnuz. Ravi Pillay, ethula inkulumo yakhe emcimbini wokugutshwa kwezinsuku eziyi-16 zokulwisana nokuhlukunyezwa kwabantu besifazane kanye nokuthulwa kwezinhlaka zokuphepha.*



**"Kwasendulo asikaze sikubone loku esikubona namhlanje. Intombi ayikaze iyiswe lapho ingathandi khona."**

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda

# OWEZOBUCIKO AMASIKO NEZEMIDLALO UXWAYISA ABADAKELWA EMANZINI

Sifuna ukuthi sihlanganise isizwe ngokuqhuba imidlalo yesintu sethu kanye nokubhukuda sakhe izingwazi ezintsha njengo Sbonelo Khwela abadume ngokushaya idadamu into ehambayo.

**STHEMBISO SHANGASE**



*UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi*

Zingaphezu kwamakhulu ayisithupha ngonyaka izingane ezishona ngokugwiliza emifuleni, emachibini kanye nasemabhishi alesifundazwe.

UNgqongqoshe Wezobuciko, Amasiko, Ezemidlalo Nokungcebeleka uNkk Bongiwe Sithole-Moloi ukuveze lokhu ethula uhlelo lwezokuphepha emanzini ngalesikhathi sikaKhisimuzi, eMargate ogwini oluseningizimu yesifundazwe.

Phakathi kwabebekhona kubala uMicheal Mbanjwa oyingwazi eyazakhela igama ngokunqoba emjahweni wokugwedla izikebhe iDuzi Marathon esuka eMgungundlovu yehlise umfula uMngeni ize izophelela eThekwini. uMaSithole-Moloi uthi ngokwezibalo ezikhishwa abezimo eziphuthumayo emanzini uNational Sea Rescue Institute (NSRI) kuvela ukuthi uphuzo oludakayo lunomthelela kulezizibalo zokugwiliza kwentsha.

Izikhungo ezizimele sezifakle isandla zabambisana noMnyango zifundisa nezingane ezisencane ukuthi kubhukudwa kanjani.

UNgqongqoshe uthi phakathi kwezikhungo ezifundisa izingane ukubhukuda emachibini omphakathi komasipala, emadanyini nasemifuleni imbala kubala iLIfe Saving SA, KZN Aquatics, Swimming SA, KZN Swimming, Sailing and Canoeing kanye nabe NSRI.

"Sifuna ukuthi sihlanganise isizwe ngokuqhuba imidlalo yesintu sethu kanye nokubhukuda sakhe izingwazi ezintsha njengo Sbonelo Khwela abadume ngokushaya idadamu into ehambayo" kusho uNgqongqoshe.

Ube esetshela abebehambele lomcimbi wokwethulwa kohlelo lwezokuphepha emanzini ukuthi seluyaqala uchuingechunge lwezinto ezizokwenziwa olwandle njengoba eMzumbe kuhlelwe idili lezimdlalo nenjabulo ngomhlaka 16 kuDecember, oThongathi ngomahla ziyi 18 kuDecember, KwaDukuza Bethel Day yona ngomhlaka 26 no 27 kuDecember, eSt Micheals eMargate ngomhla zingama 28 no 29 kwephezulu, eThekwini kuqala ngomhla zingama 28 kuya zingama 30 kwephezulu.

Ngokukangqongqoshe loluchungechunge luzovala ngeyase Richards Bay ogwini olusenyakatho kusukela zingama 31 ku December kuze kube mhla lulunye enyangeni ezayo uJanuary lapho kuyobe sekuwunyaka omusha.

UNgqongqoshe uthi abantu mabakhumbule ukuthi lezizindawo ezawo wonke umuntu ngakho ukungcofana nokukhiphana inyumbazana akufuneki kunjalo nje nokuphuza amankwebevu qede uzame ukubhukudfa usuke usuzibizela ukufa.



# KUBANJWE INHLABALUHIDE KUQWASHISWA NGOKUHLUKUMEZWE KWABESIFAZANE NEZINGANE

UNgqongqoshe Wezobuciko, Amasiko, Ezimidlalo Nokungcebeleka uhole inhlabaluhide eShowe kwisifunda sase King Cetshwayo lapho kugoqwa izinsuku zomkhankaso wokulwa nokuhlukumezwa kwabesifazane nezingane.

"Umkhankaso ukuze uvalwe ngendlela ekhombisa ukuthi sikukhathalele kangakanani ukuthi akuyekwe ukuhlukumezwa kwezingane nabesifazane, sihlabe inhlabaluhide siyokhuza kanye nokuthi sikhuthaza ukuthi inkantolo igobe lothisha osehlukumeze izingane ezingaphezu kwama-21." Kusho uNgqongqoshe Sithole-Moloi.

Obekuseqhulwini kulenhlabaluhide ukuthi ukuthi abenzi bokubi bagwetshwe, kungabikhona ukuthi abantu abanemali noma bafundile bazenzela nje kwabanye njengoba ngokomthetho wasemzansi uthi wonke umuntu unelungelo lokuvikeleka.

Nakuba lelicala selihlehliselwe uMashi ngonyaka ozayo, kepha umlayezo wokuvikelwa kwezisulu ugcizelelwe.

Ubeke ilaka lakhe uNgqongqoshe lokuthi ubuhlungu ukuthi sekuyavama ukuthi othisha ngathi bangene shi ekuhlukumezweni kwezingane. Nakuba kunjalo ubonge uMnyango Wezemfundo ngokuthatha isinyathelo sokumxosha lothisha.

"Namhlanje sikhumbuzana ukuthi lusekhona loluhlevane alukapheli. Kumele lempi silwisane nayo unyaka wonke iqale emakhaya".

UNgqongqoshe uphinde wakhuthaza ukuthi abazali bazibheke izingane uma kunezinkomba zokuthi kukhona okungahambi kahle ngengane kumele siyixhase njengomndeni.

Kumele usuku nosuku umphakathi ulwe nobugebengu. "Yingakho sithi umphakathi kumele uzisukumele izinto ezinjengalezi. Emndenini asizixoxe lezizindaba."

"Njengoba siya kumaholide kumele sihloniphane sithandane njengoba siya futhi sibheke ukuthi izinto zihamba kahle, siyafuna ukubona imindeni ihlangana ukuze sibe nesizwe esiphumelelayo.





"Abalaphi bomdabu bafanele ukufundiswa ngezifo ezintsha okuthi umuntu eza kubo bakwazi ukumyalela kahle, baziqonde futhi babambisane nodokela."

# Kukhunjulwe usuku lwengculaza esifundeni sase-King Cetshwayo

GUGU XABA

Kubalulekile ukuba sibakhumbule bonke laba asebawushiya lomhlaba ngenxa yesandulela ngculaza negciwane laso siphinde seseke labo abathelelekile nabathintekile.

Lokhu kuvezwe uNgqongqoshe WezobuCiko, Amasiko, Ezemidlalo Nokungcebeleka uNkk Bongiwe Sithole-Moloi lapho ehambele umasipala uMlalazi eNyanini Sports Ground ongaphansi kwe King Cetshwayo District. Umphakathi waseNyanini,eShowe ubuphume ngobuningi uhambele lomcimbi wokubungaza lolusuku bekukhona ngisho nabelaphi bendabuko. Njengoba ukuhambela lesisifunda bekuhambisana nezinhlelo zika Operation Sukuma Sakhe uNgqongqoshe uphawule nango lwezempilo iTest and Treat okuligxathu ekulaphweni kwalesifo sengculaza. Odokotela nabalaphi bezomdabu bababisene nohulumeni njengoba kunabali-100 eMlalazi abafundiswayo ngaloluhlelo. "Abalaphi bomdabu bafanele ukufundiswa ngezifo ezintsha okuthi umuntu eza kubo bakwazi ukumyalela kahle, baziqonde futhi babambisane nodokela" kusho uNgqongqoshe.

Kube khona inkulumo ngxoxo ezahlukene umphakathi uzwakalise ulaka lawo entweni ezifana nama Blesser lapho khona ukuvezile ukuthi yize usendaweni esemakhaya lomkhuba ukhona.

Bakugxeke kakhulu ukuthi amadoda amadala anunusela intsha ngemali kuze bezozithokozisa ngabo ngezindlela eziningi. Omama bendawo baphinde baphawula ngokungalingani kwamalungelo abantu besilisa nabesi fazane njengoba amathuba ama ningi emsebenzi inikezwa abesilisa kuna besifazane, abelaphi bendabuko bakhale ngokuthi bona babukelwa phansi njengoba belapha ngekwemvelo kanti nabo bayakwazi ukulapha izifo njengo dokotela. UNgqongqoshe Wezobuciko, Amasiko, Ezemidlalo Nokungcebeleka uNkk Bongiwe Sithole-Moloi utshele umphakathi ukuthi kumele abazali bengasabi ukukhuluma nabantwana babo ngezimo zempilo njengomnyango asihambisani nokubandlululana ngobulile sikholelwa ekutheni wonke umuntu ubalulekile emphakathini.

UNgqongqoshe ube esenxusa intsha endaweni ukuba iyeke ukuzibandakanya nezinto ezingathokozisi abazali njengo kuphuza utshwala, uku bhema nokwenza ucansi olungaphephile.



"Abalaphi bomdabu bafanele ukufundiswa ngezifo ezintsha okuthi umuntu eza kubo bakwazi ukumyalela kahle, baziqonde futhi babambisane nodokela"

UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi

# IBANJWE NGEMPUMELELO INDALI YESIBILI YEZINKOMO ESIGODLWENI ENYOKENI

LONDIWE NGIDI

ISilo samabandla sibambe indali yezinkomo zayo kulempelasonto, ngokubambisana noMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya, oholwa UNqgonqgoshe uMnumzane Themba Mthembu. Lendali ibanjelwe ngempelasonto esigodlweni edlule eNyokeni kwaNongoma. Lendali ebizwa ngohlobo lwenkomo iBoran, ngeyesibilii ukwenzeka njengoba eyokuqala yenzeke khona lapha eNyokeni Royal Palace. IBoran ziyinqxube yezinkomo zomdabu esisuka ezweni eKenya, okwathi ngokuba zixutshwe zase zikhipha inkomo enhle kakhulu kulabo abathengela amabhusha enyama. Ibithanyelwe ngosomabhizinisi abanohlonze baKwaZulu-Natali.

Zingaphezulu kuka 200 izinkomo ezifakwe endalini. Umfuyi unelungelo lokungavumi ukwamukela nesilwane sakhe inani elibekiwe lingagculisi. Lokhu kufakazelwe nawukubona iSilo Samabandla sihoxisa izinkomo zaso ngenxa yokungagculiseki inani ebeslilindele ngenxa yokungagculiseki ngenani ezilishaye esikalini. Abalimi nabafuyi basendaweni yakwaNongoma bahambe bethokozile nokho njengoba bekwazi ukudayiswa izinkomo zabo endalini, bakwazi nokuzenzela inzuzo nje ngosuku olulodwa. Usomabhizinisi uMnumzane uNana Sithole uhambe nezinkomo ezingaphezu kwa10 ezimbize u R200 000.

Ezikhulumela uthe, "Siyasibonga iSilo nomNyango ngokusihlelela indali efana nale. Besike sibone abamhlophe bezuza kakhulu ezintweni ezifana nalezi.

Namhlanje nathi sesikwazi ukuzithengele sithole nenzuzo engcono nethe xaxa nezinkomo ezisesimeni esihle kakhulu."

Lena ngeminye imizamo yomNyango ngokubambisana neSilo Samabandla yokuba kukuthazwe ezohwebo kubalimi nabafuyi esiFundazweni, nokuqguqguzela ukudayiswa kwemfuyo. Kuyacaca ukuthi sesiphelile isikhathi sokufuyela ukujabulela nje ukuba nemfuyo ekhaya, sekuyisikhathi sokwenza inzuzo nokungena ezimakethe.

UBayede uthe, "Lendali ayibukwe ngeso lokubuyisela imfuyo endaweni yayo ngokubambisana nezoLimo." Ugqugquzele ukubaluleka kokudluliselana ulwazi lomdabu kwezemfuyo phakathi kwabamhlphe nabansundu kuzozonke izizwe phakathi kwabamhlophe nabansundu.

Abafuyi bahambe nolwazi oluningi ngamasu okwenza ibhizinisi nokunakekela izinkomo zabo ukuze zikhiqhize inyama esezingeni eliphakeme. Baphinde bagqugquzelwa abafuyi ukuthi balisebenzise lelithuba lezithangami ezinjena njengoba ziletha ithuba lokuphuma enhluphekweni kusetshenziswa imfuyo, abafuyi bezinikela kumabhizinisi azobakukhulisa nazoba nomthelela ekukhuleni komnotho esiFundazweni kubenomthelela nasemnothweni we Ningizimu Afrika yonkana.



*ISilo Samabandla kanye nenhloko yomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya ngesokhathi bezothamela indali yezinkomo ebibanjelwe esigodlweni eNyokeni*



*Ezinye zezinkomo ebeziyingxenye yendali ebibanjelwe eNyokeni*
***Izithombe:* MBUYISELO NDLOVU**

# Abadobi base sayidi banxuse kubuyekezwa isikhathi sezimvume zokudoba

BRENDA MQWAMBI NO MBUSO MFEKA

Ukuhambele kuka Jenene Bheki Cele uSekela Ngqongqoshe wezoLimo, namaHlathi nezokuDoba eNingizimu nesiFundazwe kubuyise ithemba kubadobi bezinhlanzi oGwini.

Okubukeke kuyinselelo enkulu nethathe isikhathi ixoxwa kube ukubekeka kunokwenzelela ekukhishweni kwezimvume zokudoba, ngokunjalo nesikhathi esibekelwe lemvume okuyiminyaka emithathu sibukeka sisincane kubadobi abasavuvusa.

Umsebenzi wokudoba omunye wemisebenzi esiqhubeke isikhathi eside wenziwa ngabantu abaningi, abanye bagcine sebeziphilisa ngawo. UJenene uCele ubehambele kulendawo yase Mthwalume ukuzolalela izikhalo zabadobi bezinhlanzi bakulendawo.

Uhambo luka Bheki Cele kuwumkhankaso weSonto leKhabhinethi lapho oNgqongqoshe namasekela abo kuzwelonke behambela imiphakathi eyahlukene yonke kuleli ukuthola isikhalo neziphakamiso zemiphakathi ngokuhlukana kwayo.

Abadobi bakulendawo bahlangabezane nezinqinamba eziningi nokugcine babe nenkinga yokudoba kulendawo, ezinye zezinkinga ukungqubuzana nabe Ezemvelo KZN Wildlife uma ngabe bezodoba.

Enkulumweni yakhe uJenene ukhumbuze abadobi ukuthi ukusebenzisa ulwandle neziqiwi nokunye okuyimvelo kunemigomo ekulawulayo ukusetshenziswa kwakho. Lemigomo kumele ilandelwe njengoba iwumthetho olawula ezemvelo zonkana ezweni, kubalwa nolwandle.

UMnuz Lindani Ngubane ongaphansi kwenye yezinhlangano zabadobi bezinhlanzi ukhale ngokuthi njengoba isikhathi esibekiwe kwinkotileka yokuvumela abadobi ukuthi badobe sisincane kakhulu, lokhu kubavalela amathuba okukhala kulomkhakha.

UNgubane uphinde wakhala nangokuthi futhi umnyango uma usuwenza izinkotileka ubheke ukuthi abadobi abahlala ezindaweni zasemakhaya nabo bayakwazi ukuba bazuze kulezinkotileka njengoba bengabantu bendawo.

Owezifane ozibize ngo Phumzile Shinga unxuse umNyango ukuba azame ukuba abalekelele ukubheka izimakethe zokudayisa izinhlanzi nezitshalo ngoba bona bengabadobi nabalimi bakulendawo bakukhuthulele ukudoba nokulima futhi



bangakwazi ukuba baphakele izimakethe ezinkulu uma nje kutholakala izivumelwano nezitolo.

Lokhu ngenye yezinselelo ezibhekene nabaningi kulendima yezolimo.

KulesisiFundazwe uNgqongoshe uThemba Mthembu wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya usekwenze kwawumkhuba wakhe ukululeka abasendimeni yezolimo ngokubaluleka kokuqonda ukusebenza kwemboni nezimakethe zezolimo.

Kwezinye zezikhalo abadobi abakhale ngazo ukuthi ukunikwa kakhulu kwamalayasensi kubadobi asebemnkantshubomvu, kuvalela amathuba labo abasafufusa ekeubeni nabo bedinga ukusimama kulendima.

Ezinye zezikhalo abadobi bakulendawo abakhale ngazo ukungabi nolwazi ukuthi sekungobani abaqaphi abaqaphe abadobi abadoba ngokusemthethweni ngoba bazithola sebeqashwe ngabantu abahlukene nokwenza badideke.

UMnz Bheki Cele uthembise abadobi bakulendawo ukuthi uzozibheka izikhalo zabo futhi axhumane nezinhlaka ezithintekayo. Usazoqhubeka axoxisane kuboniswane nabaholi bomphakathi, amakhosi, izimeya ukuze bona abaholi badlulisele umyalezo kubalimi nabadobi.



**"Kuyacaca ukuthi sesiphelile isikhathi sokufuyela ukujabulela nje ukuba nemfuyo ekhaya, sekuyisikhathi sokwenza inzuzo nokungena ezimakethe."**

UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa Kwezindawo eziseMakhaya, uMnu Themba Mthembu

# UKUSEBENZELA UMPHAKATHI NGOKUZINIKELA KUMBEKE ESICONGWENI OWASEMKHANYAKUDE

Ngithanda ukubonga umndeni wami ngokungisekela nokuqonda izinsuku lapho silala emsebenzini silwa nomsebenzi.

**BRENDA MQWAMBI NO MBUSO MFEKA**

Lokhu kubonakele ngesikhathi uMnumzane Themba Mthembu onguNgqongqoshe womNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya, ebambe indumezulu yemcimbi wesidlo sasebusuku lapho bekubungazwa khona ukuphumelela kuka Nkosazana uThulisile Mathenjwa.

Lomcimbi ububanjelwe kwenye yezindawo zezivakashi ekwa Mhlabuyalingana njengoba uThulisile ebhekelele imisebenzi yomNyango esiFundeni uMkhanyakude wonkana.

Lomcintiswano uchazwe njengenye yemizamo kahulumeni yokugqugquzela ukuzinikela okuzoletha inqubekelaphambili emsebenzini kanye nokuqinisekisa ukuthi izisebenzi zemiNyango ziletha umsebenzi oseqophelweni eliphezulu emphakathini.




*UmNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya noNgqongqoshe owuholayo uMnumzane uThemba Mthembu bayiziqhenya ngokuhamba phambili kuka Thulisile Mathenjwa emkhakheni emibili emncintiswaneni kaZwelonke weBatho Pele*

Ukuqinisekisa ukuthi uHulumeni uyaphendula ezidingweni zabantu, kulindeleke ukuba abasebenzi bakhombise ukuzimisela emsebenzini abawenzayo ukuze kuthuthukiseke imiphakathi abayisebenzelayo. Enye yezindlela uhulumeni ahlose ukuqinisekisa kokwenzeka lokhu ukunika abasebenzi umkhombandlela okumelel kusetshenzwe ngawo owaziwa nge Batho Pele.

Lomhlahlandlela weBatho Pele uqinisekisa uphinde ugqugquzele ukubeka abantu phimbili, ukubonisana nezakhamuzi, ukwazisa izakhamuzi ngamazinga omsebenzi abangawalindela, ukutholakala kwezidingo, inhlonipho, ukuthola ulwazi, ukuvuleleka nokuba sobala, ukulungisa isimo ngokubhekana nezikhalazo, amanani afanele, ukugqugquzela ukuphuculwa kokusebenza nokuhlomulisa ngomsebenzi omuhle.

Phakathi kwemigomo amajaji omncintiswano obubheke kakhulu kuyona kube yilokhu - . Ngabe izidingo zomphakathi ziyabhekelelwa yini uma ihhovisi lihlela imisebenzi yalo, ifika kanjani imininingwane mayelana nezidingo kubantu, ngabe kwenziwe kwalula yini ukuthola usizo, abasebenzi bona bayakwazi yini ukunikeza usizo, lisabela ngokushesha kanjani ezinkingeni zabantu ihhovisi, ngabe ihhovisi liphethwe kahle futhi lisebenza ngendlela eyamukelekile na, imali eyabelwe umsebenzi yona iphethwe kanjani.

Konke lokhu okungenhla bekubhekwa kulowo nalowo obengenele umncintiswano. Kukho konke lokhu okubaliwe, phezu kwazozonke izinselelo indawo ayisebenzelayo ukhombise ukusebenza ngendlela eyamukelekile, emenze wabashaya bonke abebengenele lomqhudelwano. Okunye okubonakele ngaye ukuthi ukwazile ukwenza okungaphezulu kokulindelekile emsebenzini wakhe ukusiza umphakathi njengoba kuvelile nje ukuthi ngesinye iskhathi uke asebenze kuze kubesentathakusa enzela ukuqeda umsebenzi abhekene nawo.

Umphakathi ube ngofakazi bokusebenza kwakhe njengoba bekufakazele konke obekudingwa umncintiswano. Ngokunjalo nabasebenzi asebenzisana nabo ngisho nabeminye imiNyango bayayibabaza indlela azinikele ngayo emsebenzini wakhe.

Kuke kwanencwadi esayinelwe eke yabhalwa ngomunye wabasebenzi abangaphansi kweso lakhe ebincoma kakhulu futhi ibonga iqhaza alibambile ekubaqeqesheni kulendima yezolimo lo msebenzi nangendlela anakekela ngayo abasebenzi.

Ngokuchaza kwelencwadi yesincomo uNkosazana uThembi ukusebenzela uhulumeni kufana nobizo kuyena. Ulwazi nesipiliyoni anaso senze uThembi nethimba lakhe aselicijile ngokomsebenzi baphatha ngobunono umsebenzi omkhulu wokwakha isikhungo sokukhiqiza amaganu, umsebenzi obize imali engaphezulu kuka R25 wezigidi waphinde wadala amathuba emisebenzi angu 1035.

Ngalomsebenzi bakwaze nokuqinisa ubudlelwano nobambiswano nawo Masipala, i-KZN Trade & Investment, kanjalo nomNyango wokuThuthukisa imiphakathi yaseMakhaya nokuBuyiswa koMhlaba ukuze umsebenzi usabalale ube banzi.

Ekhuluma nabasebenzi kulomcimbi obuhanjelwe nangamalungu omndeni utuse indlela azinikele ngayo kanye nobufakazi bokusebenza kwakhe.

UMnumzane uThemba Mthembu onguNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya uthe “UNkosazana uMathenjwa usifundise izindlela zokwenza umkhakha wezoLimo uchume emphakathini futhi wabuye wasikhombisa njengezisebenzi zomNyango ezisebenzela imiphakathi indlela okumele senze ngayo ukutakula abantu bakithi abahlwempu bakwazi ukufinyelela ezidingweni zabo.”

UMvelase uvale ngokuthi umNyango unezinhlelo zokuqinisekisa ukuthi ugxila ekukhiqizweni kokudla nanokuthi kungabi khona muntu kulesisiFundazwe olala engakutholanga okuya ethunjini, futhi kube ngokunomsoco.

Ezibongela uNkosazana uMathenjwa uchaza ukusebenza kwakhe njengomsebenzi obalulekile futhi oyinsika emphakathini njengoba enethimba labeluleki abasebenza ngaphansi kobuholi bakhe ukuqinisekisa ubukhona bokudla kulesiyasiFunda. “Kuyintokozo enkulu kumina ukwaziswa njengomsebenzi ovelele emNyangweni eyahlukene kuleli.

Ngithanda ukubonga umndeni wami ngokungisekela nokuqonda izinsuku lapho silala emsebenzini silwa nomsebenzi. Ngibonge nabasebenzi esibambisene nabo nasekusebenzeni ngokuzimisela nokuzikhandla nokuzinikela nangezikhathi ezinzima.

Angiwinile ngedwa kodwa ngiwine kanye nesiFundazwe sonke kanye nabalimi bonke. Ngiyazi ukuthi sisazo qhubeka sisebenze kanzima ukuqinisekisa ukuthi isiFundazwe sethu siyaqhubeka nokuqhakaza” kuchaza uMathenjwa obephuphuma yintokozo.

Ukuba nomsebenzi ofana nalenkosazana emNyangweni ephumelele kuloluhlobo lomncintiswano kuletha ithemba ukuthi izinhlelo zomNyango zizofinyelela emphakathi ngendlela eyiyo nezoqinisekisa inqubekela phambili.

> *“Angiwinile ngedwa kodwa ngiwine kanye nesiFundazwe sonke kanye nabalimi bonke. Ngiyazi ukuthi sisazo qhubeka sisebenze kanzima ukuqinisekisa ukuthi isiFundazwe sethu siyaqhubeka nokuqhakaza.”*




PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

SIYAQHUBA!

sisemkhankasweni wokuguqula izimpilo zabantu

To be the centre of governance, providing leadership towards achieving KZN Vision 2035

KZN Provincial Communications_2016



*UMnu Mxolisi Kaunda wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uxoxisana namalungu omphakathi ngenkathi ethula umkhankaso wokuphepha ngamaholide erenki eThekwini.* ***Isithombe:*** ***ZINGISA HLATHI***

Sidinga izibalo ngenkathi okwenzeka ngaso isigameko, kanye nolwazi mayelana nezingozi nokufa kwabantu.

# WETHULWE NGESASASA OWOKUPHEPHA NGAMAHOLIDE ESIFUNDAZWENI

**MABUYI MKARRY**

UMnyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal wethule izimoto ezintsha eziyisishiyagalombili zohlobo oluphambili ezizosetshenziswa amaphoyisa omgwaqo eRoad Traffic Inspectorate (RTI) esifundazweni uma kunezingozi zomgwaqo.

Lokhu kwenzeke e-Mariannhill Toll Plaza ngesikhathi kwethulwa umkhankaso wokuphepha ngesikhathi samaholide kaKhisimusi wonyaka ka-2016.

Lezi zimoto zikanokusho zinikezelwe abe-Road Traffic Management Corporation (RTMC), kanti zifakwe ubuchwepheshe obuphambili obuhlanganisa nokuphenya ngezigameko ezisuke zenzekile.

UMphathiswa walo Mnyango uMnu Mxolisi Kaunda uthe okubaluleke kakhulu ngale moto ukuthi iqoqa ulwazi oludingekayo.

"Sidinga izibalo ngenkathi okwenzeka ngaso isigameko, kanye nolwazi mayelana nezingozi nokufa kwabantu.

Kumele sazi kahle ukuthi abantu abaningi balimala kumbe bashona kanjani, nokuthi iluphi uhlobo lwezimoto olusuke lubandakanyeka lapho," kusho uKaunda.

Izimoto ezimbili zizonikwa isiFunda ngasinye ngokwemingcele yoMnyango, okuyiseMnambithi, eMpangeni, eMgungundlovu naseThekwini.

Ukuqalisa umkhankaso wezokuphepha kube nevimbamgwaqo ebanjwelwe eMariannhill Toll Plaza lapho kumiswe izimoto ezingu-762.

Umshayeli oyedwa uboshelwe ukushayela edle amanzi amponjwana. Izimoto eziyisishiyagambili zikhishiwe emgwaqeni, kwaba namacala angu-42 ehlukene abekwe abashayeli.

UKaunda uthe umkhankaso wezokuphepha uzosebenza kuze kuphele inyanga ka-January.

Bangaphezulu kuka 24 000 abasebenzi okuhlanganisa i-SAPS, iMetro Police, RTI, Emergency Medical Services, Home Affairs, Customs kanye nabombutho wamasosha abazosabalaliswa kuzo zonke izindawo.

UMphathiswa uthe kuzoba nezivimbamgwaqo kwisifundazwe jikelele futhi kuzokuba nokusebenzisana nezifundazwe ezingomakhelwane njenge-Eastern Cape, Free State neMpumalanga. Bazobheka ikakhulukazi imigwaqo kazwelonke; u-N2 kanye no-N3, imigwaqo yesifundazwe; okubalwa u-R66 eShowe, R74 eGreytown, R603 eMbumbulu kanye no-R33 phakathi kweDundee ne-Vryheid.

Amadolobha amancane, amalokishi nezindawo zokuzijabulisa okubalwa kuzo amathaveni; amabhishi, amarenki, ama-shopping malls, amasonto nezindawo zomculo konke kuzobe kubhekiwe.

"Sizophinda sigxile kwabahamba ngezinyawo – labo abawela endaweni engafanele, abaphuzayo bese beba wuvanzi emgwaqeni, kanjalo nalabo abawela kuthelawayeka," kusho uKaunda.

Ekhuluma ngobugebengu obunesihluku, uMphathiswa uthe ukhathazeke kakhulu ngezinga eliphezulu lokuphucwa kwabantu izimoto zabo okubikwa ezindaweni ezizungeze iTheku.

"Lokhu kwande kakhulu ezindaweni ezifana nase-Morngiside, eBerea, eGlenwood kanye naseMlazi," kubeka uKaunda.

Uthe kuyinkinga nokusabalala kwezibhamu ezingekho emthethweni.

"Kula masonto amabili edlule kutholakale izinhlobo ezingu-200 zeziqhumane kanye nezibhamu eziyishumi ezingekho emthethweni.

Lokhu kuhlanganisa ama-AK 47, ama-9mm pistol kanye neziqhumane eziyingozi," kusho uKaunda.

I DO RIGHT
EVEN WHEN NOBODY IS WATCHING

ANTI-CORRUPTION HOTLINE -
0800 596 596

PROVINCE OF KWAZULU-NATAL ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

AIDS 2016 21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE

KWAZULU-NATAL IS GROWING, DEVELOPING AND CARING!



*UNgq. Belinda Scott uhalalisela amalunga eYenzanathi Community Upliftment Project ngesivuno sawo KwaNyuswa.*

Labo abathole imali ethe xaxa kunaleyo abajwayele ukuyithola, abaqinisekise ukuthi abayisaphazi imali yabo.

# INJABULO USCOTT EGCINA ISETHEMBISO

**NOSIPHO NDABA**

Umkhankaso wokulwa nendlala endaweni yaKwaNyuswa uthole ukwesekeleka ngesikhathi uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa KwaZulu-Natali unikela ngezindlu ezingoqukulwayo ezimbili enhlanganweni esiza abantu abantulayo kule ndawo.

UNgqongqoshe Belinda Scott unikele lezi zindlu kanye namakhomyutha amabili kwiYenzanathi Community Upliftment Project eyayizikhalele kungqongqoshe ukuthi ayisize ukuze ikwazi ukusiza abantu abahlwempu kue ndawo.

Lesi sicelo sasidalwa ukuntuleka kwendawo yokupheka nokugcina ukudla.

UMphathi weYenzanathi, uNkk. Lydia Hlophe, uthe lo mnikelo ophuma kuNgqongqoshe ubaluleke kakhulu ngoba bebeyidinga ngempela indawo abazokwazi ukusebenzela, baphekele kuyo njengoba abantu abadla imbuya ngothi bebaningi kule ndawo.

"Baningi abantu abahluphekile kule ndawo - sibala kubo ngisho nentsha imbala. Sifuna ukwenza umehluko ngokupheka ukudla okunomsoco bese sibaphakela ukuze sibe yingxenye yokulwisana nobubha endaweni yaKwaNyuswa.

"Lapho sisaqala, sasingenayo indawo eyanele ezokwazi ukwamukela inani labantu esibasizayo kanye ne-Internet Cafe ekwazi ukusiza intsha engasebenzi ukuze ibheke imisebenzi.

Sase sicela kuNgqongqoshe ukuthi asizamele lezi zindlu ezithathekayo.

Siyabonga ngalolu xhaso. Lusethula umthwalo wokungabi nendawo eyanele yokusebenzela.

Uphinde wasipha nohlobo lwamakhompyutha aphathekayo (laptops) amabili.

Sizokwazi ukwenza umsebenzi wethu kalula njengoba sesinalamathuluzi okusebenza abalulekile, " kusho uNkk. Hlophe.

UScott ube ese-dlulela eRank yamaTekisi eWatercrest Mall lapho aqhube khona umkhankaso wokonga imali, ezibandakanya nabahlali baseMolweni, Kwanyuswa, eMbo, nakwaNgcolosi namaphethelo.

UScott uthe "ngamaholidi abantu banomukhuba wokukhithiza ngisho impahla engenasidingo. Kumele nikugweme lokho.

Kubalulekile ukukhokhela izikweletu ezinjengamа bhondi ezindlu ngaphambi kokuthenga lokho okuyizifiso zakho.

"Labo abathole imali ethe xaxa kunaleyo abajwayele ukuyithola, abaqinisekise ukuthi abayisaphazi imali yabo. Abakhokhele izikweleti zabo, bathenge umfaniswano wesikole, nezincwadi zezingane.

Enye ingxenye bayonge ebhange ukuze bayisebenzise esikhathini esizay mhla sekuvele isidingo.

Kulaba abathole amabhonasi, kubalulekile ukuthi bakhokhela izindleko kuqala ngaphambi kokuba bazijabulise," kusho ungqongqoshe.




*UNgq. Belinda Scott, esizwa ubuholi bendawo, banikeza amalunga omphakathi amapheshana akhuluma ngokonga imali besesiKhumulweni samaTekisi eWatercrest Mall.*

Selokhu awethula ngoNtulikazi lo mkhankaso, uNgq. Scott ubezibandakanya nosomabhizinisi abanhlobonhlobo ehambela nemiphakathi eyahlukahlukene okubalwa kuyo eZingolweni, iseHammersdale kanye naseMgungundlovu.

Lo mkhankaso usazoqhubekela nakwezinye izindawo.

*"Sifuna ukwenza umehluko ngokupheka ukudla okunomsoco bese sibaphakela ukuze sibe yingxenye yokulwisana nobubha endaweni yaKwaNyuswa."*



**"Baningi abantu abahluphekile kule ndawo - sibala kubo ngisho nentsha imbala."**

UNgqongqoshe wezezimali, uNkk Belinda Scott




*UMphathiswa uMxolisi Kaunda ekhuluma namaphoyisa asephothule ukuqeqeshwa eMgungundlovu.* ***Isithombe:*** ***ZINGISA HLATHI***

# AMAPHOYISA OMGWAQO AMASHA AZOQINISA UKUPHEPHA NGAMAHOLIDE

Ngithanda ukundlulisa ukubonga okukhulu kubafundi abaphothulayo namhlanje ngiyanihalalisela ngiswele amazwi okubonga.

**SONTI MAGOTA noMSIZI ZULU**

UMphathiswa yezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnu Mxolisi Kaunda usenxuse amaphoyisa omgwaqo ukuba afunde ukuze ezokwazi ukukhula kulo mkhakha.

UKaunda ubekhuluma ngesikhathi kukhishwa amaphoyisa omgwaqo angu-36 aphothule ukuqeqeshwa ekolishi eMgungundlovu.

La maphoyisa aqhamuka komasipala abathathu, KwaDukuza, eMsunduzi naseMpofana. Uthe la maphoyisa aqede izifundo zawo ngesikhathi esibaluleke kakhulu, okuyisikhathi samaholide lapho izinga lezingozi emigwaqeni livame ukuba phezulu.

"Ngiyanxusa ukuthi amaphoyisa afunde nje, imfundo ibalulekile futhi ihamba phambili esikhathini esiphila kuso manje.

Ngenyanga edlule uNqgongqoshe wezokuThutha kuzwelonke uNkk Dipuo Peters uthe sekuzokwengezwa isikhathi sokuqeqeshwa kwamaphoyisa omgwaqo ukusuka esitifiketini sonyaka owodwa kuya kwiDiploma yeminyaka emithathu.

Ngiyagcizelela ukuthi amaphoyisa afunde ukuze azithuthukise", kusho uKaunda.

Uphinde wanxusa amaphoyisa ukuthi aziphephise uma esemsebenzini.

"Kubalulekile ukuthi niphephe uma nisemsebenzini wenu.

Qinisekisani ukuthi niyabonakala futhi nibe sendaweni eggamile uma nisebenza ukuze abashayeli bakwazi ukunibona.

Nibalulekile futhi siyanidinga. Ngakho ngiyanxusa ukuthi niziphephise. "Nifika ngesikhathi esibi lapho abantu besemizweni yamaholide futhi benemali eningi. Niqaphele ngoba abantu bazophula imithetho yomgwaqo ngamabomu ngoba bazi ukuthi bazogwaza. Ngingavumi batsheleni ukuthi niyahola bese nibadlulisela emaphoyiseni akwa-SAPS ukuze babekwe amacala okuzama ukugwaza nokuphazamisa ukusebenza kwengalo yomthetho," kusho uKaunda. UVictor Shange ongu-Principal Provincial Inspector uzwakalise amazwi okujabula nokugqugquzela abafundi ebebephothula, echaza izinselelo abebebhekana nazo ngenkathi beqeqesha abafundi.

"Ngithanda ukundlulisa ukubonga okukhulu kubafundi abaphothulayo namhlanje ngiyanihalalisela ngiswele amazwi okubonga.

Kulo mkhakha eningene kuwona kumele kube yinqubo yenu ukulwisana nobugebengu emigwaqeni yesifundazwe saKwaZulu-Natal. Nina njengabantu abasafika emsebenzini nizoba yisibonelo esizoqinisekisa ukulwa nenkohlakalo ebonakala yenziwa ngamanye amaphoyisa omgwaqo," kusho uShange.



# LIBUYILE ITHEMBA KUBAFUYI BO MHLABABUYALINGANA

LONDIWE NGIDI

UNqgonqgoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya uMnumzane Themba Mthembu usukumele phezulu ukuyohlangana nomphakathi wakwaMhlabuyalingana eManguze ezinkundleni zaseManzegwenya ukuzokwethula uhlelo lokugonywa kwemfuyo nokuqinisekisa ukubaluleka kokunakekela imfuyo.

Indawo yakwaMhlabuyalingana ike yahlaseleka kakhulu izifo ezithikameze impilo yemfuyo nohwebo lwabafuyi kangangangoba imfuyo ike yangavunyelwa ukuphuma esiFundeni uMkhanyakude ukuze kunqandeke ukubhebhetheka kwezifo. UMthembu uqale wahlangana nabaholi bendawo, ososeshini bemfuyo kanye namaDistrict Development agencies, lokhu ekwenzela ukuzolalela izikhalazo nemibono abanayo ephathelene nokuthuthukisa ezolimo kulendawo. Abafuyi bakulesisiFunda bebebhekene nesomiso esikhinyabeze ukusebenza kwabo kuleminyaka edlule nakuba kungasafani, kepha ukubuyela esimweni esanelisayo kusazothatha iminyaka njengoba lesisimo sishaye kwezakala nasemaphaketheni njengoba imfuyo beyigula ifa nokufa ngenxa yaso isomiso. Ukusha kwemifuya nemihosha kube impilo emvelweni okubandakanya nemfuyo engcupheni. Kudinge ukuthi babhekane nomqansa wokuphemba kabusha ukuze babuyele emsebenzini wabo wokufuya. Lesi esinye sezizathu esenze uMvelase ahambele lendawo ukuyokwethula uhlelo lokugonywa kwemfuyo oluzoqinisekisa ukunakekeleka nokuphila kwemfuyo emva kokukhahlamezwa isomiso.

Enkulumeni yakhe uMthembu uthe, "Injongo yomNyango ukugqugquzela imikhuba yezolimo enohlonze, ekhuthaza ukudlondlobala komnotho, ihlinzeke ukudla okwanele iphinde ithuthukise imiphakathi yasemakhaya KwaZulu Natali."

Enye yezigqinamba abafuyi abake babhekana nayo endaweni yaseMkhanyakude inkinga enkulu yamatele ngo 2011. Lokhu kwaholela ekumisweni kohwebo lwezemfuyo, imikhiqhizo eqhamuka kulesi siFunda yamiswa ngamazwe omhlaba ukuba.

Ngaleso sikhathi iNingizimu Afrika yalahlekelwa yizigidi zamaRandi ngenxa yokubheduka kwamatele.

Kuthe ngo 2014 kwabe sekuhoxiswa lomthetho obuvimbela imfuyo yaseMkhanyakude ezimakethe, noma sekuqhutshekwa nohwebo kepha akulula kubafuyi.

Ngaphandle kwesifo samatele ezinye izifo eziyiva enyameni kulesi siFunda kubalwa kuzo i-Brucellosis, amarabi, iTB ne-Corridor Disease ebuye yaziwe ngokuthi yi-Buffalo Disease noma iNagana. UMnyango uqiniseke umphakathi ukuthi uwavulile amehlo ukuqapha ukuthi isifo esihlasela izimbuzi iRinderpest ne-Brucella mellitensis.

UNgqongqoshe uxwayise abantu abakhonze ukukleza ubisi uma kusengwa ukuba basengcupheni yokutheleleka ngezifo.

Uphinde wagcizelela ukubaluleka kohlelo lokugoma imfuyo, wagqugquzela ukubaluleka kokusebenzisana noDokotela bemfuyo nakulo msebenzi ukusiza ukwenza imfuyo ibe ngephilile ekulungele nokungena ezimakethe. UmNyango ususebenzise izindodla zemali futhi uzibhophezele ukuqhubeka uyifake imali kulezi zikhungo zemtholampilo engomahambanendlwana ngoba ukuze usizo luzofinyelela kalula nasezindaweni eziqhelile.

UmNyango ushiye lendawo yakwaMhlabuyalingana nesikhungo sokuhweba nemfuyo isinikelwe ezandleni zabafuyi.

Amadela akhiwe nawo kanti kuhloswe ngawo ukuthi amumathe umthamo wenyama yezinkomo ezizoqhamuka kuwo wonke uMkhanyakude namaphethelo. Amadibha, izigwedlo namadamu emfuyo kwakhiwe ngenjongo yokuthi imfuyo ibe nempilo engcono futhi ikhiqize kube yinala.



*UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya uMnz Themba Mthembu noSomlomo kaMasipala wesiFunda Umkhanyakude uKhansela Solomon Msane namalunga ezinhlangano zabafuyi ngesikhathi behambele indawo yezindali zemfuyo kwaMhlabuyalingana.*

Uphinde wanxusa umphakathi ukuba uzinakekele lezindawo ungazicekeli phansi, esho ebala nocingo oluvimbela imfuyo yakwamanye amazwe ukuthi ingangeni njengoba lokho kunomthelela ekwandeni kwezifo.

UmNyango ukwazile futhi ukugxila ekusunguleni imisebenzi yezimbuzi ukuze kuphuculwe indlela yokuziphilisa futhi kuqinisekiswe ukuthi inyama enomsoco kutholakala ngamanani aphansi. UMvelase uthe, "Eqinisweni, lesi siFunda sakithi eMkhanyakude, sesihlonzwe njengaleso esinamazinga aphakeme kakhulu enhlupheko.

Siyazi ke bakwethu ukuthi ezolimo zisegazini kubantu basemakhaya futhi siyakuqonda ukuthi uma sifuna ukukhulisa umnotho wasemakhaya kudingeka sigxile ekukhuliseni ezolimo".

Yingalesi sizathi thina emNyangweni sesiqhamuke nesisho esisha esithi "Masenze ezoLimo uSikompilo Lwethu."

*"Enye yezigqinamba abafuyi abake babhekana nayo endaweni yaseMkhanyakude inkinga enkulu yamatele ngo 2011."*

